


AMAHEBERU,

ISAHLUKO SESIKHOMBISA ²

 Busiswani! Ngicabanga ukuthi, kuqala, sinengane encane lapha, uDoc ungitshela emizuzwini embalwa nje edlule, umfowethu, umfowethu enyameni, obefuna... ibingeyokuba ibusiswe. Futhi manje uma labomama enabantwanyana babo abancane abafuna ukubabusisa ngokubanikela eNkosini, sizojabula ukuba nabo khona manje. Bayeza, abakhuphule abancinyane babo.

²³⁹ Manje, futhi abantu abaningi, bona, abakubiza kanjalo, bayababhaphathiza. Ibandla leMethodisti liyakwenza, futhi ngikholwa ukuthi iNazarene. Anginasiqiniseko. Qhabo. Ngicabanga ukuthi yilokho abehlukana ngakho, kwakungumbhaphathizo wezingane ezisancela, iNazarene neFree Methodisti. Kodwa, nokho, abanye babo, benza into eyodwa nenye. Kodwa, nabanye babo bathela amanzi amancane phezu kwabo. Abanye bayabafafaza. Futhi, kodwa sizama njalo ukuhlala nje ngokusondela kakhulu eBhayibhelini njengoba sazi ukuthi kanjani. Manje, akukho-mBhalo eBhayibhelini wengane ukuba ifafazwe, kanjalo akukho-mBhalo eBhayibhelini wanoma yimuphi umuntu ukuba afafazwe. Akusiyo into yangokomBhalo. Kuyinqubo yebandla eliKatolika.

²⁴⁰ Kodwa ba—kodwa bayakwenza, baletha... Baziletha izingane ezincane kuJesu. Futhi—futhi sifanele siMmele. Sifuna ukwenza into efanayo Ayenzayo. Wabeka izandla zaKhe phezu kwazo futhi—futhi wazibusisa, wayesethi, “Vumelani abantwana abancane beze kimi, futhi ningabanqabeli, ngokuba uMbuso weZulu ungowabanjalo.” Futhi yilokho esiqhubeka nokukwenza lapha etabernakele, njengoba sizama ukuqhuba iBhayibheli langempela, indlela ezinikele, okwedlula konke esikwaziyo ukuthi kanjani.

²⁴¹ Ngakho manje, uma lowomama, kumbe noma yibaphi omama enezingane zabo ezincane ukuba zibusiswe, ngenkathi uDadewethu uGertie esadlala elithi *Bangen'seni*, ngani, baletheni phezulu ealtare. Umfowethu nami sizokwehla bese sibusisa abancinyane eNkosini. Kulungile.

Mfowethu Neville. [UMfowethu Branham noMfowethu Neville babusisa izingane. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²⁴² Siyabonga, Dadewethu Gertie. Lokho kuhle kakhulu. Bangaki othanda abantwana abancane na? Uma ningabathandi, kukhona okungalungile kini, kukhona okungalungile.

²⁴³ Manje, kulobubusuku, manje ukuyongena kuzo zonke izinkonzo ezisele. Thina... isizathu sokuba ngehlile futhi kulobubusuku. Ngokuvamile ngalezizinsuku uma sinezinkonzo zokuphilisa, ngithola kuphela cishe usuku olulodwa, ngoba kunginika ukunyakaziswa ngempela. Anikwazi neze. Futhi lapha ekhaya kubi ngempela ngokuphindwe kabili kunanoma yiyiphi nje enye indawo.

²⁴⁴ Futhi bengixolisela ukwenza isiphosiso esingaka njengoba ngenzile ngaso kulokhu ukusa. Kodwa into yokuqala engiphathe kabi, bekungenkathi uBilly efika ezongitshela ukuthi akabatholanga abantu abenele ukunikeza amakhadi omkhuleko. Ukwaze kuphela ukunikeza cishe ayishumi nambili noma ayishumi nane. Futhi ubene... Akukho—muntu ofune amakhadi omkhuleko. Ngigagele ukuthi yonke into ibikahle. Ngakho manje—ke, ngalokho, angizange ngicabange... Kwase kuthi—ke ngenkathi ngiqala ukubiza lawomakhadi omkhuleko, ngicabange ukuthi bengizowathola onke ayishumi noma ishumi nambili, noma ngabe yini eke yaba phakathi lapha. Ngawabiza. Ngifike enombolweni ethize, into ethize, futhi ayangabiza. Ngase ngibiza. Ayangaphendula. Futhi angizange ngicabange ngakho kwaze kwathi uNkk. Woods wangibiza. Wathi, “Mfowethu Branham, uBilly uthatha lawomakhadi futhi awashove ndawonye, bese nje enikezela ngawo. Angahle ukuba ubenaleyonombolo yesithathu,” (bekungesiyo na?) “inombolo yesithathu ephaketheni lakhe.”

²⁴⁵ Impela, ngokuvamile unikezela ngawo onke amashumi amahlanu. Uma ewaletha phambi kwabantu, uvele awashove nje. Ngakho wonke umuntu... Akusikho ukuthi, “Nginike inombolo yokuqala.” Noma, singahle singaqali enombolweni yokuqala. Singahle siqale kweyamashumi amahlanu, awazi, bese siza sihlehle. Singahle siqale kweyesishiyagalombili bese siqhubekele ngale. Singahle siqale kweyamashumi amabili bese siwela. Asazi. Kodwa uvele awashove nje bese ewanikezela kubantu njengoba bewafuna. Futhi ngingacabangi kulokhu ukusa, Ngingahle ukuba ngibize amane noma amahlanu ngaphezulu, futhi angahle ukuba abengekho phakathi lapho, ngoba lingahle ukuba beliphezulu le emashumi amabili noma amashumi amathathu ndawondawo, niyabo. Futhi, manje—ke, kodwa iNkosi ikuxazululile, kodwa nje akunayo i—ingcindezelo yangempela kukho, njengoba kwenza le ekhaya. Ngingahle ngingalokothi ngikuzame—ngikuzame futhi.

²⁴⁶ Kodwa, lapha kungekudala, ngacela iNkosi ukuthi Ibingasipha umhlangano omuhle, engithembise ukuthi ngi—ngingebe ngisaYicela futhi, ngoba bekuyinto el'khuni kabi nje. Futhi iphambene nomBhalo. Niyabo? Futhi uma u... Yilokho okwenza kube l'khuni kimi. Ngoba, ngokwazi lokho, kunginika u—ukwehlulwa, okokuqala nje. Niyabo? Ngiyehlulwa, zisuka nje.

²⁴⁷ Nokho, omunye ubize omuny'umuntu kulentambama. UNkk. Woods ubizwe ngomuny'umuntu. Wayesesho, ukuthi, "Omuny'umuntu ebandleni ubiziwe kulokhu ukusa, mayelana nendoda ebigula kabi, kabi, eze kuKristu kulentambama, kamuva." Ukuthi i—indoda ebigula kabi ize kuKristu.

²⁴⁸ Nenye into, uNkk. Woods ungitshela ukuthi ngikhulume kudadewabo, udade omdala kunaye, engangisekhaya lakhe ngempela ngoluny'usuku futhi ngidla idina naye, noma isapha naye, ezansi eKentucky. Futhi uNkulunkulu uSomandla uyazi ukuthi angimqondanga lowo wesifazane. Niyabo? Kunjalo. Nje... Imibono iyazibusa. Asazi neze ukuthi iyohamba kanjani noma ukuthi kuzokwenzekani. KukuNkulunkulu, nokuthi kwe—kwenzekani. Kodwa ngangazi, ekuyilindeleni, ngiyilindele lapho.

²⁴⁹ Futhi ngoluny'usuku ngenkathi lentombazane encane yayiphakathi lapha, eyayifanele ukuba nokubona okufihlakele, okungukuthi mina, hhayi... Niyabo, uma uNkulunkulu wayenganikeza lokho kulolonke izwe, kwakungakuhle; kodwa uma kwakuyikho, kwakuphambene nalokho Angitshela khona ngaphesheya komgwaqo lapha, niyabo, eminyakeni embalwa edlule. Futhi sasifuna ukuqiniseka ukuthi lokho kwakuyikho, futhi sidedele ibandla, njengoba lalilapha, likubone. Futhi ngakho ngabiza lowoNkk. Snyder. UDadewethu Snyder. Ukhona ndawondawo. Uthi nje ukuba l'khunyana kancane ukuthi ezwe. Nenenekazi elincane lakukhulumela phansi, kwase kuthiwa, "Unofehlane," noma isifo samathambo, into enjengaleyo.

²⁵⁰ Okungukuthi, ngangazi ukuthi kwakuyinqulu ephukile. Futhi ngakho... Kwase kuthi—ke uMoya oNgcwele wakuletha lokho kulokhu ukusa. Niyabo?

²⁵¹ Manje, okuyikho, yisiphiwo esingesikaNkulunkulu, futhi sisebenza ngokuzibusa kwaso. Kodwa okukwenza kube l'khuni kakhulu lapha edolobheni, qiniso, ngi—ngithola ukuthandeleka, ngaso sonke isikhathi, ekukhulekeleni abagulayo lapha. Noma—noma... Ngiyohamba, ngitshela abantu lokhu. Ngiyohamba, ngithi, "Manje iNkosi ikusindisile. UJesu wakuphilisa ngenkathi Ekufela, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlula. Khona lapho waphiliswa. Manje, maqondana noNkulunkulu, maqondana noKristu, waphiliswa, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlula. Isifo sakho sahamba. Kuthatha ukukholwa kwakho ukukwenza."

²⁵² Futhi—ke lowomuntu angahambahamba futhi angasindi. Bese—ke umuntu eyafika ngapho, athi, "UMfowethu Branham ungitshela ukuthi sengisindle." Niyabo? Ngikutshela okwashiwo nguNkulunkulu.

²⁵³ Manje, uma kukhuluma ngqo kumuntu, ngqo, "Ngu ISHO KANJE INKOSI," ngento ethize ezokwenzeka.

Lokho kuzofakazisa kuwe khona lapho ukuthi ukuphiliswa kwakho sekuvele kuphephile. Ukukholwa kwakho sekukunameke ngophawu. Uyabo? Isithembiso ngesakho. Akusilo izwi lami. YiZwi likaNkulunkulu, ukuthi usuvele uphilisiwe. Uyabo? Kodwa uvele nje...Ngandlela thize, a—angikwazi nje ukukuthola ukuba kuzike, kubafo lapha eJeffersonville. A—angikwazi nje ukukuthola ukuthi kwenzeke. Ngiyazi. Ngizozama ukukuchaza lokho ngakho konke nje engingakwenza, futhi nje ku—nje ngeke kwenzeke. Yilokho kuphela. Ngithi. . .

²⁵⁴ Lapha, kungekudala, ngaya ekhaya, endodeni, nendoda yayifa. Base bengibiza, “Woza, uyikhulekele. Udokotela wathi yayingeke iphile kuze kube sekuseni.”

²⁵⁵ Ngangena. Nensizwa yathi kimi, “Mnu. Branham, angifuni ukufa.” Ngani, ngempela umfo omncane wayengafuni. Wayenomndeni wabantwana ababili lapho.

²⁵⁶ Awu, ngehla. Ngathi, “Manje, buka, ubani udokotela wakho na?” Yangitshela. Ngathi, “Manje, udokotela angahle ukuba ukutshela ukuthi ubufa, ubuzofa, kodwa uNkulunkulu akakasho ukuthi ubuzofa.” Ngathi, “Manje, ngokweBhayibheli, usuvele uphilisiwe, ngoba uJesu wafela ukuphiliswa kwakho.”

²⁵⁷ Yathi, “Uyakholwa ukuthi ngizosinda na?”

²⁵⁸ Ngathi, “Ngikukholwa uqobo.”

²⁵⁹ Awu, uma ngaya ukuyokhulekela indoda, futhi angangalusebenzisa lolohlobo lokukholwa, ukuba ngiyikholelwe; uma ngihamba, “O, qhabo, qhabo, uma udokotela athi uzofa, ubuzofa. Lokho kuyakuxazulula manje.” Manje, lowo bekuvele ngumuntu othize ukuba eze azokhulekela abagulayo na? Bengingemfune lowomuntu endlini yami, ukuba angikhulekele. Ngifuna umuntu mumba ozothi, ngisho noma ngabe engakubonanga, noma qha, eyothatha ukukholwa futhi angimele esithembisweni. Kunjalo. Futhi ngathi. . . u. . .

²⁶⁰ Sahamba futhi saba nomkhuleko. Ngathi, “Manje yima isibindi.”

²⁶¹ Yathi, “Usho ukuthi ngizosinda na?”

²⁶² Ngathi, “Ngani, impela. IZwi likaNkulunkulu lathi uyosinda. Uyabo, ‘Uma ukholwa, konke kungenzeka.’”

²⁶³ Yathi, “Kulungile, NgizoLikholwa.” Yayisiphuma yase isho kumkayo, lokho.

²⁶⁴ “Indoda iyafa, ayifi na?”

²⁶⁵ “Yebo, iyafa.” Futhi ngakho ngosuku olulandelayo, indoda yafa, noma izinsuku ezithi azibe mbili emva kwalokho.

²⁶⁶ Sekuthi—ke lona wesifazane uyaphuma futhi uqala ukuphuza futhi eqhubeka. Nomunye wabadikoni. Ngikholwa ukuthi kwakunguye, walelibandla, waya kowesifazane futhi

wamcela ukuthi angebuye yini futhi abuyele ebandleni. Wathi, “Ngingekholwe–muntu. Umshumayeli uBranham ungena lapha futhi wakhulekela umyeni wami, wathi wayezophila, futhi wafa ezinsukwini ezimbili noma ezintathu kamuva.” Wathi, “Ngingekholwe.” Manje uyafa. Kulungile.

²⁶⁷ Kodwa, nokho, niyabo, kukhombisa nje ukuthi abantu abakunaki okushoyo. Niyabo? Impela. Uma ngikhulekele umuntu, futhi ngi—ngibatshela labo bantu ukuthi bazophila. Ngiyakholwa ukuthi bazophila. Kodwa, akunandaba, uma izwi lami lalinguISHO KANJE INKOSI ngoqobo, futhi wena waKukholwa, ubuzofa, noma kanjani. Impela. *Nangu* uISHO KANJE INKOSI, nabaningi babo bayaKwemukela futhi bafe. Abanangi babo baya esihogweni, kanti ngu, ISHO KANJE INKOSI, “Awudingi.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Niyabo? Kuyilokho oku...Konke kusekeleke phezu kokukholwa kwakho.

²⁶⁸ UMfowethu Collins, angicabangi ukuthi ukhona kulobubusuku. Kodwa ngimlalele kulokhu ukusa, unikeze ingxoxo ewubuqhawe kakhulu ngalokho. Niyabo? Niyabo? Wenzile. Uthe, “Manje, ukukholwa okufanayo onakho phezulu lapha, uzodingeka ube nakho phandle lapho. Ngoba, ngukukholwa kwakho ngawedwa, hhayi ehlelweni lakho, kodwa kuKristu. Ufanele ube nalokho kukholwa.” Kunjalo impela nje. Ngokoqobo.

²⁶⁹ Nokuphilisa kukaNkulunkulu kwesekeleke phezu kokukholwa kwakho. Kodwa ngokweZwi likaNkulunkulu, ISHO KANJE INKOSI, ukuthi wonke umuntu waphiliswa ngenkathi uJesu efa eKalvari, “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo saphiliswa thina.” Kunjalo na? *Sa*. IBhayibheli lathi, “Naphiliswa.” Ngakho ningafumani icala kimi, ngingumshumayeli nje weZwi. Hamba utshela uNkulunkulu ukuthi Washo into eyiphutha, futhi uNkulunkulu uzokutshela ukuthi ubuthakathaka bakho bukuphi—ke. Niyabo? Ngakho, ngukukholwa kwakho. UJesu wathi, “Uma ukholwa. Uma ukholwa.”

²⁷⁰ Manje, uma uzwa uMoya oNgcwele ukuthi ukuqinisele ukukholwa kwakho futhi kwehla kwaqina, wayesethi, “ISHO KANJE INKOSI, ‘Kusasa ngesikhathi *esithize*, uzoba nento *ethize*. Into *ethize* izokwenzeka. Izoba ngapha ngendlela *ethize*, futhi uzohlangana nento *ethize* lapha. Lokho kuzoba yisibonakaliso kuwe.’” Manje, kubhekisise lokho. Lowo ngumsebenzi osuqediwe, khona lapha manje.

²⁷¹ Kodwa uma sekufika ekutheni ukuphilisa kukaNkulunkulu, ngifanele ngibeke ukuphilisa kukaNkulunkulu ezisekelweni ezifanayo, zalolohlobo, njengensindiso. Ngamunye wenu, akunandaba ukuthi wenzeni, usindisiwe selokhu kwafa uJesu, ngoba Wafa ukususa izono zezwe. Kodwa akusoze

kwakusiza ngalutho uze uthi wena siqu sakho ukwemukele futhi kukwehlele. Kodwa maqondana nezono zakho, sezivele zithethelelwe. Kunjalo. U... “Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.” Niyabo? Nakho lapho okhona. Manje kukhumbule lokho.

²⁷² Manje, ngiyakwazi lokho ekufundiseni, emiBhalweni, siyibandla elixubile. Futhi izikhathi eziningi, kuleNcwadi yamaHeberu, okuyiNcwadi ethe ukujula... Ngizokuyeka okwesikhashana manje. Ngizozama kulobubusuku ukuqedela ingxenye yokugcina yesahluko 7.

²⁷³ Futhi manje kunemibuzo eminingi engqondweni yenu, akungabazeki. Abaningi benu banemibuzo, nami bengingaba nayo, futhi. Manje, esikhathini esilandelayo, iNkosi ithanda, uma ngingena... .

²⁷⁴ Ngiya eMichigan manje. Bese kuthi-ke, ukusuka eMichigan, ngiya eColorado. Futhi ukusuka eColorado, ngiye eWest Coast. Manje—manje, uma singena, iNkosi ithanda... Manje, angazi. Uma ngingabi seChicago, ngeSonto, ngingahle ngibuyele lapha okobusuku bangeSonto elizayo.

²⁷⁵ Manje sibambe umelusi wethu engekho epulpiti lapha cishe amaviki ayisithupha, onke lawa—lawa—lawa, lencwadi lapha. Niyabo? Manje si... Angithandi ukwenza lokho. UMfowethu Neville ungoluthandekayo, olumnandi, uhlobo lomfowethu. Futhi ngineqiniso ukuthi lelibandla liyamthanda uMfowethu Neville.

²⁷⁶ Konje, ngisakhuluma; omunye umuntu, ngakhona kulelizwe ndawondawo, unecala lokubhala amanye amakhadi, ukugudluza uMfowethu Neville aphume kulelipulpiti. Nizodingeka nikuxazulule nami lokho. Ehhe. Kunjalo. Ehhe. Yebo, impela. Manje, ngifuna nina... Kwasho idea... into ethize mayelana nesigungu sabadikoni. Isigungu sabadikoni asinalutho esingalwazi ngalowomelusi. Qhabo, mnumzane. Inhlangano yebandla, ngokugwele, sinalo lonke igunya. Asinalo... Isigungu sabadikoni ngamaphoyisa nje lapha kulelibandla, ukugcina inqubo nje kanjalonjalo. Kodwa uma sekufika emithethweni—migomo, lonke ibandla lifanele libe nezwi. Lelibandla lakhelwe phezu kokuzibusa kwebandla lendawo. Ngakho—ke, anginalutho engingalusho ekugudluzeni lomelusi, noma ukufaka omunye kulo. Yimina engiphethe impahla; inikwe ibandla. Nonke niyibandla. Nina bantu nguwe olawulayo. Uyibandla, qobo lwakho. NeBandla, iBandla likaNkulunkulu elingwele lingukuzibusa, kukaMoya oNgwele kuleloBandla. Nento kuphela engiyenzayo ngukuphatha impahla, ngiyinikela kulelibandla, njengokuyinikela ebandleni, futhi ayitheliswa. Nebandla likhetha abelusi balo uqobo. Angihlangene ngalutho nakho. Nendlela kuphela lomelusi abengakaze ashiye ngayo, bekungaba ngumelusi ezinqumela

yena ukuba ahambe, noma iningi lamavoti ngesibalo lebandla lingahle lithi, “Shintsha umelusi.” Yileyondlela kuphela. Akukho–sigungu sabadikoni esingakwenza. Isigungu sabadikoni kuphela sigcina inqubo nezinto ebandleni.

²⁷⁷ Abaphatheli, abahlanganise lutho nakho, kuphela balungisa indlu yokukhonzela. Futhi bangeke bakwenza kuze kubekhona i... Sonke isigungu sabaphatheli siyahlangana bese sithi, “Sizokwakha *lokhu*, noma sizokwenza *lokho*.” Khona–ke bazodingeka babuze umphathisikhwama ukuthi ngabe banayo yini imali yokukwenza. Yebo, mnumzane.

²⁷⁸ Kodwa uma kukhona insolo nganoma yiliphi ilunga, uma ilunga linensolo ngomunye nomunye, noma into ethize engalungile, ufanele uye kulowomfowethu, qobo lwakho; futhi ukhulume naye, wena naye ninodwa. Bese kuthi uma bengenakukwemukela, khona–ke into elandelayo iyenzeke, thatha omunye wabadikoni noma omunye umuntu, bese ehamba nawe niye kulowomfowethu. Bese kuthi uma engenakukwamukela, khona–ke woza ukusho ebandleni. Bese kuthi uma ibandla... Khona–ke engenakulemukela ibandla, khona–ke iBhayibheli lathi, “Mababe kini njengowezizwe nomthelisi.” Kunjalo.

²⁷⁹ Futhi noma yibaphi abantu owazi umuntu onecal, bese ungayi kubo futhi uxoxe, khona–ke uyingxenywe yebandla likaNkulunkulu uzophendula ngalesosono. Kunjalo.

²⁸⁰ Futhi noma yibaphi abantu–ke ene–nensolo ngedikoni, noma ngedikoni noma omunye umuntu ebandleni, kuthatha abantu abathathu. Abantu abathathu bayofika futhi bathi, ufakazi, umlomo wofakazi ababili noma abathathu. Bese betshela umelusi ukuthi kukhona isikhalo ngedikoni. Bese–ke uma kunesikhalo ngedikoni, idikoni alisuye nje u–umuntu, u–umuntu ophelele. Lifanele libambe isikhundla sedikoni, lingasoleki, futhi–ke litholakale lingasoleki. Futhi uma leyohlango yebandla ithola ukuthi lelodikoni alisibambi lesosikhundla, lithatha abathathu kanye nalo bese likuyisa kumelusi. Lelodikoni licelwa ukuba lihlale ekhaya ubusuku. Bese kuthi–ke umelusi... eyafika bese ehlanganisa inhlango yebandla ndawonye, enikeza isikhalo. Futhi uma inhlango yebandla ivotela ukuba idikoni liqhubeke, idikoni liyaqhubeka. Uma li con–... livotela ukuba idikoni likhishwe, bakhetha idikoni elisha ngabo lobo busuku. Niyabo?

²⁸¹ Ngakho–ke, akukho–muntu oyedwa akanalutho angalwenza kulokhu. Yiningi ngesibalo labantu. Yebo, mnumzane. Uma amashumi amabili emvotela, namashumi amabili nanye evotela ukumkipha, uyahamba; noma, ngapha nangapha. Niyabo? Lokho ngukuthi, ngukuzibusa kwebandla lendawo futhi, manje–ke, ngamunye wamalunga unezwi ebandleni. Noma yini eqhubekayo, engalungile, khona–ke bangafika ngqo

ngapho, nento kuphela abafanele bayenze ngukuba ngaphambi kukaNkulunkulu ukuthi ngokoqobo babone ukuthi akukho lutho oluvimba ukunyakaza kwebandla.

282 Kodwa igunya eligcwele neliphelele lebandla ngumelusi. Kufundeni lokho eBhayibhelini, nibone ukuthi leyo akusiyo yini inqubo yeBhayibheli. Kunjalo impela. Akukho ongaphezu kwelunga elidala. Akukho engingakwenza ngalokho okwenziwa nguMfowethu Neville lapha. Lokho kukini noMfowethu Neville. Uma uMfowethu Neville ubefuna ukushumayela imfundiso kaFakazi kaJehova, lokho kukuye nani. Niyabo? Uma ubefuna ukushumayela noma yini abefuna ukuyishumayela, lokho kuphakathi kwenu naye. Yilokho kuphela. Uma inhlango yebandla imvotela ukungena lapho, ukuba ashumayele lokho, lokho kulungile. Lokho kukuye.

283 Into kuphela engiyenzayo, nje ngukuphatha impahla. Futhi uma into ethize enye ifika, ukuthi injengokugudluzela umelusi, futhi bafuna ukuthatha ivoti kulokho, beningebuze idikoni ukuba lenze lokho. Benizozu nizingibuza. Bengizokwehla, ngithi, “Uma nifuna ukugudluzela umelusi, ngitsheleni ukuthi kungani. Ngabe ikhona into ayenzile na?”

284 “Yebo. Simbambile, edakiwe. Noma, simbambe enza *lokhu*, noma enza into ebingalungile.”

285 “Ninabo ofakazi abathathu bakho na?”

286 “Yebo. Sinabo.”

287 Labofakazi bafanele kuqala bavivinywe. “Ungalemukeli icala lelunga elidala ngaphandle uma kuba ngufakazi ababili noma abathathu, futhi mabavivinywe kuqala; ngokumangalela ilunga elidala.” Bese-ke ufanele ukufungele, ukuthi wakubona; futhi ukufakazise, ukuthi wakubona.

288 Bese kuthi-ke, uma ukwenzile, khona-ke lesosono siyasolwa obala, ukuthi, “Akulungile.” Bese-ke ngithi, “Nhlango yebandla, niyafuna ukumshintsha umelusi wenu na?”

289 Futhi uma inhlango yebandla ivota ithi, “Mthethelele, futhi akaqhubeke okwamanje,” yileyondlela okufanele kume ngayo. Niyabo? Lokho, lokho akwenele yini ngokufanelekile indlela yokuphatha ibandla na? Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Asinababhishobhi nababonisi, nezigungu kanjalonjalo, lingenisa *lona* futhi linenqwaba yegunya. Akukho-muntu onegunya lapha kodwa uMoya oNgcwele. Kunjalo. Nguye owenza ukugudluzela. Futhi siMthatha njengeningi ngesibalo sabantu, indlela abantu abahamba ngayo.

290 Bese kuthi-ke uma uhlangothi olulodwa lufuna ukwenza *lokhu*, nolunye uhlangothi lufuna ukwenza *lokho*, nohlangothi luyawina. Uhlangothi olwehlulwayo, benzani ngakho na? Bajoyinana ngqo nabobonke abanye, bathi, “Besinephutha,

ke. Sizozhubeka ngqo, ngoba uMoya oNgwele wenze lokho kukhetha.” Niyabo? Lokho kunjalo impela.

²⁹¹ NjengamaDemokrati namaRiphablikeni, inqobo nje uma simi njengentando yeningi, njengamaMelika. Uma amaDemokrati iphakathi, amaRiphablikeni afanele aphushe aye phambili ngqo nawo; amaRiphablikeni angene, iDemokrati iphusa iye phambili. Niyabo? Yilokho impela nje okusenza sibe yisizwe. Nxa sibhidliza lokho, sibhidliza intando yethu yeningi. Kunjalo. AmaDemokrati athi, “Angizukwenza lutho; ngamaDemokrati angena.” Khona-ke siyawa. NgingumKentucky: uma sindawonye siyama, futhi uma sehlukene siyawa.

²⁹² Manje, uma kukhona into engalungile ebandleni oke wazi ngayo, omunye ngamunye noma omunye umuntu kumbe noma yini, ubophezelekile futhi uyophendula phambi kukaNkulunkulu uma ungayilungisi leyonto; wena, ibandla. Manje, khumbulani, akukho emahlombe ami. Kukwawenu. Futhi noma yini engalungile ebandleni, uNkulunkulu uyonenza niphendule ngayo. Kunjalo. Yileyo ndlela Aphatha ngayo ibandla lakhe. Yileyo ndlela okungayo eBhayibheli. Leyo yinqubo yeBhayibheli. Lokho ngukuzibusa kwebandla lendawo. Umelusi uyinhloko. Kunjalo. Amen.

²⁹³ Manje, siza kulo obusisiweyo, uMlayezo omdala lapha. Nina, manje ngifuna nikwazi lokho. Lokhu kurekhodwa ngeteyipu, khumbulani, loMlayezo. Nokurekhoda ngeteyipu kwebandla, izinqubo nemithetho-mgomo yebandla, kusekurekhodeni ngeteyiphu. Lokho kungokweBhayibheli. Asiliphathi; akukho-mentu osenhlokwani. Qhabo. Sonke, sonke siyafana. Kodwa, sinomholi, lowo ngumelusi, inqobo nje uma eholwa nguMoya oNgwele. Qiniso. Kulungile.

²⁹⁴ Manje, phakathi lapha, kuzoba nenqwaba yemibuzo. Ngakho isikhathi esilandelayo abakhipha ngaso... NoMfowethu Neville ukufaka emsakazweni ukuthi ngizoba lapha, bhala ukhiphe umbuzo wakho, ukuze wena nami sikwazi ukukuqophisana ndawonye. Uzokwenza na? Kulungile.

²⁹⁵ Ngiyazi ngifundise ngokubekezela kwabangcwele. Ngifundise ngobuNkulunkulu obukhulu bukaJesu. Ngifundise ngokuphepha kwekholwa, nangokwaziwa phakade, ukumiselwa ngaphambili, neziningi zalezozinto. Okungukuthi, ngiyazi, enhlanganweni yami yebandla ngabaningi abagcina umthetho ngokweqile, okungukuthi kulunge ngokuphelele. Ngokoqobo. Kodwa, manje, izinto, ngingumgcini mthetho ngokweqile, nami, futhi ngingokaCalvin. Ngikholwa iBhayibheli nje. Yilokho kuphela.

²⁹⁶ Manje, uma eminye yaleyo, imibuzo. Futhi ngifundise ngobufakazi obubonakalayo, amavuso, kanjalonjalo, nazo zonke

lezozinto eningahle ningavumelani nazo. Ngakho ngobunye balobubusuku, mhlawumbe. . . Asikwenze. . .

Senijahe kakhulu ukuba nibuyele phezulu phakathi lapha na? [UMfowethu Neville uthi, “Qhabo.”—Umhl.]

Asikwenze kube ngoLwesithathu ebusuku, lolu uLwesithathu oluzayo ebusuku, khona-ke ngi-ngicabanga ukuthi ngi-ngingaba nalokho-ke. Lethani umbuzo wenu ngoLwesithathu ebusuku, niwubeke phezulu lapha emsamo, nombuzo mayelana neBhayibheli, kulungile, ngalokho ekade ngifundisa ngakho manje. NangoLwesithathu ebusuku. Bese-ke kuba ngeSonto elilandelayo, ke, ngicabanga ukuthi ngi-ngifanele ngibe seChicago, noma kanjani. Futhi ngizosuka lapho ngiyongena eMichigan. INkosi ithanda, ngizoba lapha ngoLwesithathu ebusuku, ukuzama ukuphendula umbuzo ngakho konke engingakwenza. Futhi manje iNkosi ayibe nesihawu.

Manje asikhothamise ikhanda lethu, okomzuzwana nje.

²⁹⁷ Manje, Nkosi ebusisiweyo, lona ngumnotho waKho omkhulu. Yibandla lakho. NguWe, Nkosi, onyakazayo, futhi sifuna ukunyakaza njengoba uMoya kaNkulunkulu usinyakazisa. Futhi siyakhuleka manje ukuthi Uzosibusisa. Futhi njengoba sibuyekeza loMlayezo, bese sehlela kulezizinto ezijulile, sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzozembula kithi njengoba sinokudinga nje. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

²⁹⁸ Manje, o, ngi. . . LeNcwadi yamaHeberu, ngiyazisa njengenye yeziNcwadi ezinkulu.

²⁹⁹ Kamuvanyana, kungahle kube ngukuthi ngi-ngine. . . ngiya phesheya kwezilwandle, okungukuthi, uma uNkulunkulu evuma, ngizobe ngenza masinyane nje. Ngifanele ngiye eAfrika ngokombono. Ngicabanga ukuthi angisoze ngaphumelela kakhulu emihlanganweni yami ngize ngiye eAfrika futhi ngigwalise lowombono. Manje, manje-ke, lokho mhlawumbe kuzoba ngesikhathi esithize ngalentwasahlobo ezayo.

³⁰⁰ Kodwa phakathi nalesosikhathi, ngithanda ukuthatha enye futhi incwadi eNcwadini yamaHeberu, engukuthi, isahluko 11 samaHeberu. Futhi ngihlale cishe iviki kulesosahluko 11, futhi ngithathe ngasinye salezozimilo noma abalingiswa, bese ngikhipha isimilo sabo. Niyabo? “Ngokukholwa, uNowa,” bese ngithatha impilo kaNowa. “Ngokukholwa, uAbrahama,” bese ngithatha impilo ka-Abrahama. “Ngokukholwa, uAbela,” bese ngithatha impilo ka-Abela. Niyabo? Bese ngehlisa lokho. Ningakuthanda lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] O, lokho bekungathi, sithatha kulolonke iBhayibheli-ke. Sizobe-ke sesizama lokho, mhlawumbe, phakathi kokuthi e, asithi, evikini noma izinsuku eziyishumi zemihlangano, umhlangano nje omunye emva komunye ngqo, kokungathi invuselelo, mhlampe

lapha emaholidini kaKhisimuzi, noma into efana naleyo, iNkosi ithanda.

³⁰¹ Manje, esahlukweni 7 seNcwadi yamaHeberu, sihlangane naloMlingiswa omkhulu. Ubani ongangitshela ukuthi igama laKhe lalingubani na? [Ibandla lithi, “UMelkisedeki.”—Umhl.] UMelkisedeki. Manje, wayengubani loMelkisedeki na? Wayengumpristi kaNkulunkulu oPhezu Konke. WayeyiNkosi yaseSalema, okwakuyiNkosi yaseJerusalem. Wayengenayise, noma Wayengenanina. Wayengenasikhathi Ake azalwa ngaso, noma Akasoze aba nesikhathi Ayofa ngaso. Manje, sithola ukuthi lokho kuzofanele kube ngokwaPhakade.

³⁰² Sithola ukuthi igama elithi *kuze kube-phakade* lisho “ibanga lesikhathi.” Nisakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ibanga lesikhathi, kungukuze kube-phakade naphakade. Futhi *kuze kube-phakade* kuyafakazeka, izikhathi eziningi, eBhayibhelini nje “nge—ngebanga lesikhathi.”

³⁰³ Kodwa, iPhakade, futhi lunye kuphela uhlobo lokuPhila okuPhakade, sitholile. Kunjalo na? UNkulunkulu unalokho kuPhila okuPhakade, kuphela. Kunjalo na? Uhlobo olulodwa kuphela lokuPhila okuPhakade. Alikho igama elinjalo elinjengokuthi “ukujeziswa okuPhakade.” Isizathu, uma uzojeziswa Phakade, uzofanele ube nokuPhila okuPhakade. Ukuba ujeziswe Phakade, ubuyoba nokuPhakade. Futhi uma unokuPhila okuPhakade, ungeke wajeziswa, niyabo, uma unokuPhakade. “Ozwa amaZwi ami, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade.” Kunjalo na? UkuPhila okuPhakade, ngoba uyakholwa. Awu, uma unokuPhila okuPhakade, ungeke wajeziswa, ngoba unokuPhila okuPhakade. Ngakho, manje—ke, uma uzohlupheka esihogweni kuze kube-phakade naphakade, uzofanele ube nokuPhila okuPhakade.

³⁰⁴ Kodwa, manje, ngikholwa ukuthi iBhayibheli lifundisa ngesihogo sangempela esivuthayo. IBhayibheli lifundisa lokho, ukuthi izono nobubi kuyojeziswa, kuze kube-phakade naphakade. Lelo akusilo iPhakade, manje. Lokho mhlawumbe yiminyaka eyizigidigidikazi eziyishumi. Kungahle kube okweminyaka eyizigidigidikazi eziyikhulu, kodwa ngezinye izikhathi kuzofanele kube nokuphela. Ngokuba, yonke into eyayinokuqala, inokuphela. Yilezozinto engenakho ukuqala, ayinakuphela.

³⁰⁵ Seniyasikhumbula lesosifundo manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ukuthi sabuyela kanjani emuva sase sithola ukuthi yonke into eyayinokuqala yaphendukezelwa, niyabo, impendukezelo esuswa entweni enkulu. Futhi, ekugcineni, isongeka yenyukela ePhakadeni. Bese kuthi—ke sonke isihogo, konke ukuhlupheka, nayo yonke inkumbulo yokunjalo, iyoshabalala Phakade. Yonke into eqalayo, iyaphela.

306 NaloMelkisedeki wayengesuye uJesu, ngokuba WayenguNkulunkulu. Futhi okwenza uJesu noNkulunkulu behluke, ukuthi, uJesu wayeyitabernakele uNkulunkulu ayehlala kulo. Niyabo? Manje, uMelkisedeki. UJesu wayenakho kokubili uyise nonina. NaleNdoda ayizange ibe noyise noma unina. UJesu wayenokuqala kokuphila futhi Wayenokuphela kokuphila. LeNdoda yayingenayise, ingenanina, ingenakuqala kwezinsuku noma ukuphela kokuphila. Kodwa, Kwakunguye lowoMuntu ofanayo, kwakunguye. UMelkisedeki noJesu wayeMunye; kodwa uJesu wayengumzimba wasemhlabeni, ezalwe futhi wabunjwa njengesono. Umzimba kaNkulunkulu uqobo, indodana yaKhe uqobo, ezalwa futhi wabunjwa njengesono, ukukhipha udosi lokufa, ukukhokha isihlengo, nokwemukela amadodana namadodakazi kuYe uqobo. Niyakuthola na? Yingalesosizathu Wayenoku—Wayenokuqala, Wayenokuphela.

307 Kodwa lomzimba ophelele, esikhumbuzweni, njenge—njengesibambiso sokuvuka kwethu, uNkulunkulu wayengenakuvuma ukuba lowomzimba ongcewele ubone ukubola, ngoba Wawudala Yena uqobo. Wayeseyawuveza, wayesewuvusa, wayesewubeka ngakwesokunene saKhe.

308 Futhi, namhlanje, uMoya oNgcewele owavusa lowomzimba ulapha eBandleni. Alibongwe iGama leNkosi! Futhi uveza izimangaliso ezifanayo namandla. Futhi ngoluny'usuku loMoya oNgcewele, oseBandleni, uyompompoloza futhi uyophakamisa, futhi uyozemukela wona kulesisimo somzimba ohlezi ngakwesokunene soMkhulu kaNkulunkulu, ukwenza izinxuselo zethu thina zoni. Futhi ngaLapho sigciniwe ngokuphelele esonweni. Akusikho ukuthi asoni; kodwa sigciniwe esonweni, eBukhloneni bukaNkulunkulu. Isizathu, kunomhlatshelo oneGazi omi phakathi kwami noNkulunkulu, phakathi kwenu noNkulunkulu. Yingalesosizathu Athi, “Umuntu ozelwe nguNkulunkulu, akoni, akanakona.” Ngokuba, uma uzelwe ngokusha, wona impela uMoya oNgcewele owawuhlala kulowoMzimba uhlala kuwe. Futhi Awunakona; umhlatshelo ubekwe phambi kwaKhe. Manje—ke uma ukwenza ngamabomu, kukhombisa ukuthi akunakwenzeka kuwe ukuba ube kulowoMzimba. Amen. Lelo yiVangeli. Nanto.

309 Ngakho—ke, niyabo, Awuphikisani nanoma yimiphi imiBhalo. Ubophela imiBhalo ndawonye. Niyabo? “Kwakungenakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa.” Yilapho esizothola khona imibuzo yami. Ngokuba, itholeni nje, sifuna kanjalo—ke.

310 Manje qaphelani. “Akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, ukuba bahlubuke ukuba babuye bazivuse futhi ekuphendukeni, ukubona ukuthi babethela iNdodana kaNkulunkulu kabusha, futhi baYenza... baYithela ngehlahlo obala.” Babengekwenze.

³¹¹ Bese niqhubekela-ke kumaHeberu 10, lapho Okusho khona lapho, “Ngokuba uma sona ngamabomu emva kokuba sesamukele ukwazi kweQiniso.” Futhi yini isono na? Ukungakholwa.

³¹² Uma wena ngamabomu ubona uMoya oNgcwele wenza izinto Ozenze khona lapha kulokhu ukusa, nokubona ukuthi uKristu uvukile kwabafuleyo, futhi Uhlezi eBandleni laKhe naphakathi kwabantu baKhe, futhi uWala ngamabomu, akunakwenzeka ukuba wena uke uze kuNkulunkulu, ngoba uhlambalaze uMoya oNgcwele.

³¹³ UJesu washo izinto ezifanayo, ngenkathi Ayenza lezozimangaliso.

³¹⁴ Bathi, “Ngani, UnguBelzabule. Ungumbhuli. Ungudeveli.”

³¹⁵ UJesu waphenduka, wayesethi, “Ngizonithethelela ngalokho. Kodwa nxa uMoya oNgcwele efika ekwenza, ukukhuluma izwi elimelene naWo alisoze lithethelelewe kulelizwe noma izwe elizayo. Ngoba nibize uMoya kaNkulunkulu owawukuYe ngokuthi, ‘Umoya ongcilile.’”

³¹⁶ Manje-ke, uma sona ngamabomu, uma sona, singakholwa ngamabomu. Hhayi emva kokwamukela iQiniso, sesizelwe ngokusha; besingeke sisona ngaleyonkathi. Isoni ngeke senza i unpar-... UmKristu angesenze isono esingenakuthethelelwa. Angekwenze. Ngongamesabi uNkulunkulu owenza lokho. Ngumzenzisi, hhayi ikholwa.

³¹⁷ Laborabi bamaJuda, o, babecabanga ukuthi babeyizitashi, futhi babeno D.D. noPh.D. Babecabanga ukuthi babethungelwe ngakho konke, esikhwameni, kodwa babeyizoni ezimbi kakhulu. O, bangahle... Wawungenakubeka isandla phezu kwabo, empilweni yabo. Babehlanzekile, isimilo, futhi benobulungiswa, leyondlela. Kodwa babengabangakholwayo.

³¹⁸ Futhi thatha igama elithi isono bese uthola ukuthi lisho ukuthini. Igama elithi *isono* lisho ukuthi “ukungakholwa.” Mabili kuphela amaqembu angavumelani, lokho ngukuthi, ikholwa noma ongakholwa. Lokho ngukuthi, umuntu olungisisiwe noma isoni. Yilokho kuphela. Uma ungongakholwayo, uyisoni; akunandaba ukuthi ulunge kanjani, ukuthi uya kangakanani esontweni, noma ngisho uma ungumshumayeli. Usalokhu ungongakholwayo.

³¹⁹ LabobaFarisi babengabashumayeli, futhi babengabangakholwayo, futhi basesihogweni namhlanje ngakho. Nje bengabakholwayo njengoba babenjalo, futhi bemnene, kodwa abaMkhawanga. Futhi baMbiza ngo “develi,” futhi baphikisana neZwi laKhe. Futhi abanye babo bathi, “Uma uyiyo, manje yehla esiphambanweni. Yenza isimangaliso. Asikubone usenza.” Omunye waMshaya ekhanda, ngenduku, wayesethi, “Profetha bese usitshela ukuthi ubani okushayile, ungumprofethi, futhi sizokukholwa.” Niyabo,

abangakholwayo! Bayazenzisa ukuthi babengamakholwa, kodwa babengabangakholwayo, bengazelwe ngokusha, behlukaniswa, nakuba babengcwele futhi bemnene.

³²⁰ Nokho, leyo yinto efanayo ema namhlanje. Abesilisa nabesifazane bangaya esontweni futhi babe nobuso obude, futhi—futhi babemnene ngakho konke abangaba yikho, futhi bangawaqambi neze amanga, bebe, futhi bazame ukuyiphila inkolo yabo ngakho konke abangakwenza. Kodwa, ngaphandle uma beyikholwa, balahlekile. Ngakho akukho skreshe sabagcina umthetho ngokweqile eBhayibhelini. UbuCalvin bu... Umusa yilokho uNkulunkulu anenzela khona, nemisebenzi yilokho enikwenzela uNkulunkulu. Kwahlukaniswe ngokoqobo.

³²¹ Uma uyeka ukuqamba amanga, uyeka ukubhema, uyeka ukweba, uyeka ukuphinga, uyeka konke, wenze yonke into, wagcina imiyalo, futhi waya esontweni, wabhaphathizwa maSonto onke, wathatha isidlo, wageza izinyawo zabangcwele, wenze yonke into, waphilisa abagulayo, futhi wenze zonke lezi ezinye izinto, ngaphandle uma uzelwe nguMoya kaNkulunkulu, wakhethwa, ulahlekile. “Akuyi ngothandayo noma ogijimayo, kodwa nguNkulunkulu ohawukelayo.”

³²² UEsawu wazama ngamandla akhe onke ukuba abe ngumKristu, futhi akakwazanga ukukwenza. IBhayibheli lathi wakhala kamunyu, efuna indawo yokuphenduka, futhi akangayifumana. Ngaphambi kokuba ngisho azalwe, uNkulunkulu wamlahla, ngoba Wayazi ukuthi wayengumkhohlisi obolile enhliziyweni yakhe. UNkulunkulu ngokwaziphambili wayekwazi. Wathi, “Ngithanda uJakobe, futhi Ngiyamzonda uEsawu.” NoEsawu wayebukeka njengomnumzane ohloniphekile. Wayehlala ekhaya, enakekela ubabayi wakhe omdala oyimpumputhe, waphakela izinkomo, nayo yonke into, wayengumfana olungileyo.

³²³ NoJakobe wayengumfana kamama, umxoxi—zindaba osasitabane esidadlana. Yilokho ayeyikho. Ufanele ukuvume. IBhayibheli liyavuma, liyakuletha. Ezulazula, enza yonke into. Futhi—futhi, umama, elokhu enamathele kunina. Kodwa, nokho, uJakobe, nayo yonke impumelelo nokungaphumeleli kwakhe, nezindlela zakhe ezenziwe sasitabane, wayesalokhu enokuhlonipha kulobo buzibulo. Lelo yinothi okuyilona eligqamile.

³²⁴ UEsawu wayengomnumzane ohlonipheke ngokuphindwe kabili kokukaJakobe. Ukuba besingamehlulela namhlanje, ukuba abe yilunga lebandla lethu, ubungathatha uEsawu, inkulungwane koyedwa, uma ubungamazi. Kodwa uNkulunkulu wathatha uJakobe.

³²⁵ Wawungenzenjani ngoPawulu oNgcwele, ukuba wayefuna ukuba ngumfundisi na? Elincane, iJuda elidala elinekhala eliyihhuku, nomlomo utshekele eceleni, elokhu ehamba

eqophisana nje, nokuthi uzolidabula kanjani iBandla. Uzokwenza yonke into. Wawungacabanga ukuthi wayenze isono esingenakuthethelelwa. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Uyinceku yami.”

³²⁶ UNkulunkulu uthatha amadoda futhi awenze ehluke, hhayi amadoda ethatha uNkulunkulu futhi eba ngahlukile. UNkulunkulu uthatha indoda bese eyenza yehluke. Akusikho okwenziwa nguwe, okuthandayo, okucabangayo. Kuyilokho okwenziwa nguNkulunkulu. Nakho lapho okhona. Naleyo yindaba.

³²⁷ Manje, loMelkisedeki omkhulu, indaba enje pho ngaYe lapha! Sifuna ukufunda kancanyana, loluhlobo. Size sadingeka ukuba sedlule kukho ngokushesha okukhulu. Sizozala emuva lapha engxenyeni ethize yomBhalo, futhi sizozala cishe evesini 15.

Ikakhulu kusobala lokho: ukuthi kukhona...uma kumiswa omunye umpristi ofana noMelkisedeki.

³²⁸ Manje, uMelkisedeki wayengumpristi. Wayenguye na? Nakhu Ayeyikho. Sithola ukuthi uNkulunkulu, ekuqaleni, wayengumthombo omkhulu woMoya. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wayengenandawo yokuzalwa. Wayengenandawo yokufa. Wayengenakuqala kwezinsuku. Wayengenakuphela kweminyaka. WayePhakade nje njengoba iPhakade liyiPhakade. Akazange azalwe. Akazange afe.

³²⁹ Futhi phakathi lapho, sithola ukuthi, Wayenezinhlobonhlobo eziyisikhombisa zikaMoya. Kunjalo na? IBhayibheli lasho, eSambulweni, ukuthi, “OMoya abayisikhombisa phambi kwesiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Eyiikhombisa, emininginingi, uMoya oyisikhombisa. Siyathola, kunemibala eyisikhombisa. Kuneminyaka yebandla eyisikhombisa lapho. O, kuyagijima nje. Isikhombisa siphellele, noNkulunkulu wayephelele. NemiMoya eyisikhombisa, naleyomiMoya yayiphelele. Owokuqala kwakungumbala obomvu; uthando oluphelele, ukuhlengwa. Nokuthi kukanjani, ukuba besinesikhathi, ukunikeza leyomibala futhi sikhombise ukuthi ngamunye waleyomibala umele ubumsulwa. Amen. Leyomibala, kunemibala eyisikhombisa yemvelo. Leyomibala umele ubumsulwa bukaNkulunkulu. Ne...Leyomibala umele izinjongo zikaNkulunkulu, isimo sikaNkulunkulu. Leyomibala eyisikhombisa, yayimele iminyaka yebandla eyisikhombisa, izinkanyezi eziyisikhombisa, izingelosi eziyisikhombisa. Kuwo wonke umBhalo, izikhonzi eziyisikhombisa, izithunywa eziyisikhombisa, imilayezo eyisikhombisa, konke ezikhombiseni. Izinsuku eziyisikhombisa. Izinsuku eziyisithupha, nesikhombisa yisabatha; okuphelele,

okuphelelisiwe. O, kuhle, ukuba nje besinesikhathi ukuba simbe kukho nokukukhipha, leyomibala!

330 Thatha umbala obomvu. Sithatha umbala wokuqala, ubomvu. Yini okubomvu na? Okubomvu uphawu olulodwa lwengozi. Okubomvu wuphawu lokuhlengwa. Futhi buka okubomvu ngokubomvu, mbala muni na? Omhlophe. Kuyiqiniso lokho. Ngakho ngenkathi iGazi elibomvu lithululwa, ukumboza isono esibomvu; uNkulunkulu, ebuka ngeGazi elibomvu, ebuka isono esibomvu, siba mhlophe. Ikhulwa lingeke lona. Impela lingeke. Imbewu kaNkulunkulu, izibusiso zikaNkulunkulu, ihlala kulo. UNkulunkulu angebone lutho kodwa iGazi leNdodana yaKhe uqobo. Akunandaba ukuthi yini eseBandleni laKhe, ukuthi kuyini, uNkulunkulu akakuboni, ngoba uJesu uyabamela, njalonzalo, umPristi oMkhulu. Ayikho indlela kulo ukuba lone, ube uMhlatshelo ubekwe lapho walo, kanjalo. Impela ngeke.

331 Futhi manje uma uthi, “Awu, lokho kunginika ithuba elihle. . .” Khona—ke lokho kukhombisa ukuthi awulungile.

332 Uyokuthokozela Lokho. UyoKuthanda, uma ungumKristu wangempela, kuze kufike endaweni lapho lesosono besingakuhlupha njalo uze ungabe usasenza. “Ngokuba iMbewu kaNkulunkulu ihlala kuye, futhi akanakona.” Kwasho iBhayibheli, “Eke wahlanjululwa ngeGazi likaJesu, akasenasifiso sesono.” Uma unesifiso, inhliziyo yakho ayilungile kuNkulunkulu.

333 Manje, uyokwenza okungalungile, kodwa awukwenzi ngamabomu. Niyabo? U—uyabhabheka, noma yini obhabheka kuyo, noma wenze into ongaqondile ukuyenza, ayikabi yisono, uyophenduka ngomzuzu obona ngawo ukuthi wenza okungalungile. Uyojika masinyane bese uthi, “Bengingaqondile. . . angikubonanga lokho.” Uyokusho lokho, yonke impilo. Umuntu akafuni ukuba yikho, yingalesosizathu siyizithutha kangaka futhi sinjalo ebumnyameni, phansi lapha emhlabeni, ukuthi kukhona ukubuyisana kwethu ngeGazi, ngaso sonke isikhathi, ukusigcina simboziwe. Isizathu, iphutha lokuqala esadibana nalo. . .

334 Manje, nanko umqondo wakho wogcina umthetho ngokweqile. “O, uyazi ukuthini? Lowo wesifazane wangweliswa. Kodwa, akabusiwe uNkulunkulu, wenze okungalungile. Ngiyazi usehlabukile.” Yiphutha lelo. Akahlubukile. Wenze iphutha. Uma ekwenze ngamabomu, khona—ke ubengalungile, kwasekuqaleni.

335 Uma ubengaqondile ukukwenza, futhi aye phambi kweBandla elingwele likaNkulunkulu futhi akuhlambuluke, futhi athi, “Nginephutha, futhi ngithetheleleni,” ubophezelekile ukuba ukwenze. Awukwenzi enhliziyweni yakho, khona—ke ubufanele uye ealtare qobo lwakho. Qiniso. Nampo ubungcwele

bangempela ebandleni. Nampo ubungwele bangoqobo, ubungwele obungesibo obakho, kodwa obukaKristu.

336 Anginabungwele bokubethula kuYe. Kodwa ngithembele kobaKhe, o, umusa waKhe, futhi nginabo enhliziyweni yami. Abungifanelanga, akukho ebengingakwenza ukuba ngibufanele, kodwa ngomusa Wangibiza futhi wangimema ukuba ngize. Ngase ngiMbuka, Wayesesusa isifiso kimi. Ngenza izinkulungwane zamaphutha enyangeni ngayinye, onyakeni ngamunye. Impela. Ngiyawenza. Kodwa uma ngibona ukuthi nginephutha, ngithi, “Nkulunkulu, bengingaqondile ukukwenza, Wena uyayazi inhliziyo yami. Bengingaqondile ukukwenza. Ngibhabheke kulokho. Bengingaqondile ukukwenza. Ngithethelele, Nkosi.”

337 Uma ngenze okungalungile kumfowethu, ngithi, “Mfowethu, ngithethelele. Bengingaqondile ukwenza lokho.” Impela, uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami.

338 O, nakho lapho okhona. Nanko umhlatshelo weGazi. Nanko amandla eVangeli, leloBandla elingwele liya phambili. Hhayi ngoba kukhona into oyenzile; yinto owawungahlanganise lutho nayo. Nakho ukuBuyisana.

339 Manje, loMelkisedeki, ngenkathi Evela.

340 Ngifuna ukunitshela enye into. Senake naluthatha u—ucezu lwengilazi emakhona—mathathu na? Thatha ucezu lwengilazi emakhona—mathathu, bese ulubeka ukuze lushaywe yilanga, luyoveza imibala ephelele eyisikhombisa. Ucezu lwengilazi emakhona—mathathu luyoveza uthingo lwenkosikazi. Kunjalo impela. Manje, ukuba besinesikhathi, besizongena kulokho. Okuthathu kuletha ukuphelela: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Nakho lapho okhona. Ukuphelela kufika ngokuthathu. UNkulunkulu, phezu komuntu; uNkulunkulu, kuMuntu obizwa ngoJesu; uNkulunkulu, eBandleni. Bese—ke kuba, ngukuphelela.

341 Umuntu wona, inqobo nje uma uNkulunkulu wayephezulu *lapha* eNsikeni yoMlilo, uNkulunkulu. Umuntu wona, njalo, phambi kukaNkulunkulu, inqobo nje uma uNkulunkulu wayeseNsikeni yoMlilo, ngoba wayesalokhu eyisidalwa esingahlanzekile, igazi lesilwane lalibekwa phambi kwaKhe.

342 IWundlu likaNkulunkulu lafikake, isinyathelo sikaNkulunkulu sesibili esiyiso du; uNkulunkulu ofanayo, esinye isikhundla. Bese—ke kuba yiloNkulunkulu ku... wayekuKristu, wayenguNkulunkulu ofanayo owayeseNsikeni yoMlilo. NoNkulunkulu ofanayo waba yinyama wakha phakathi kwethu. Kwase kuthi—ke umuntu wahlekisa ngaYe, kwakusalokhu kubaleka kukho. Kwakungakabikho—Gazi elathululwa. Kunjalo. UJesu wathi, “Ngizonithethelela.”

343 Kodwa manje-ke Lowo ofanayo owayeyinyama, waba seNsikeni yoMlilo futhi. “Ngivela kuNkulunkulu. Ngiya kuNkulunkulu.” Lapha sithola uPawulu ehlangana naYe, esendleleni ezansi eya eDamaseku, leyoNsika yoMlilo efanayo. Sithola uPetru ehlangana naYe ejele, leyoNsika yoMlilo efanayo. Impela. Futhi siyaMbona namhlanje, phakathi kwethu, iNsika yoMlilo efanayo.

344 Kodwa ukuphelela sekufike endaweni, ukuthi umuntu ophakathi nendawo...Manje, uma kwenzeka kuba neJuda lapha, noma omunye umuntu oliqondayo iTestamente eLidala. Kufakazise, ake ngikukhombise. Angiliphethe iTestamente eLidala, khona manje. Leli yi-yiTestamente eLisha. Kodwa ekunikelweni kwesinkwa sokubukwa esasibekwe epleyitini lesinkwa ikosha, emhlatshelweni wamaJuda ekuhlanjululweni kwamatabernakele; buza noma yiliphi iJuda; kulezozingcezu ezintathu zezinkwa, ucezu oluphakathi nendawo lwaluhleshulwa. Lowo kwakunguKristu. Ucezu oluphakathi nendawo lwaluhleshulwa; uKristu, omaphakathi nendawo. Kwakukhombisa ukuthi kwakuzofanele kube nokuhleshulwa, ndawondawo, kokuhlelwa. Nalolocezu lwaluthathwa ngokuthi ukuhlengwa, esinkweni ikosha.

345 Futhi Nangu. Futhi kulobubusuku, uma sithatha isidlo, sihlephula isinkwa ikosha, ngokuba singumzimba kaKristu. Futhi Wahleshulwa eKalvari, ukuba abe yinhlawulo yezono zethu, ukuthi ngokulunga kwaKhe singaba ngukulunga kwaKhe. Ngoba, Waba yisono sethu, ukuze thina sibe ngukulunga kwaKhe. Mfowethu, lowo ngumusa uqobo. Ngokoqobo. Ayikho indlela, noma yiyiphi enye indlela obungakulungisa ngayo.

346 Manje, loMelkisedeki, loMuntu omkhulu okwahlanganwa naye endleleni. Wakhokha, uAbrahama wakhokha izishumi kuYe. Kufanele ukuthi iNdoda Yayinkulu kanjani nje! Manje qaphelani, masinyane.

Ongamiswanga, ngomthetho wemiyalo wenyama, . . .

347 Manje niyawubona lowomthetho wabagcina umthetho ngokweqile na? Umthetho wathi, “Ungabulali. Ungaphingi. Ungebi.”

348 UJesu wajika wabheka emuva ngqo, wathi, “Kuthiwa ngabasendulo, ‘Ungabulali,’ kepha Mina ngithi othukuthelela umfowabo, kungengasizathu, usebulele vele. Kuthiwa ngabo, abasendulo, ‘Ungaphingi,’ kepha Mina ngithi kini, yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile vele phakathi kwenhliziyo yakhe naye.” Nakho lapho okhona. Lokho bekufanele kufundise abesifazane ukuthi kugqokwa kanjani, ukuthi kwenziwa kanjani okulungileyo. Uggoka ngokungafanele, futhi ubangele abesilisa ukuba bakubuke

ngendlela engafanele, unecala lokuphinga, ngokufanayo nje njengoba usenzile isenzo. UJesu washo njalo.

349 Nani bantu nalolulaka lomese wesaha, oluhlala njalo luchinsela emlonyeni womuny'umuntu, lungenakwakha, nezinto ezinjalo. Qaphela. Unecala uma ukhuluma igama (ngomfowenu) lokho akulungile, hhayi nje, uhamba ujikeleza futhi ukudilizele phansi. Awudingi ukuba uhlabe ngommese emhlane womuntu ukuba umbulale. Ungasibhidliza isimilo sakhe futhi umbulale, ubulale ukuthonya kwakhe. Ukhulume ngomelusi wakho lapha, usho into embi ngaye, ungavele nje umdubule. Wakhuluma into engalungile ngaye, awu, kuyobulala ukuthonya kwakhe nabantu nezinto ezinjalo, futhi unecala lakho. Okwashiwo nguJesu.

350 Manje, lalalani lapha, u—uPawulu ayezama ukufinyelela kukho lapha. Ngiyalithanda leliBhayibheli elidala. Liyakuqondisa. Bukani, o, bukani lapha nje. Manje, njengoba sifunda ele sine—...” Yi...ngokuba kusobala ukuthi iNkosi yethu yaphuma kuJu—...” Awume, ngikholwa ukuthi nginelineye ivesi lapha ebengizolifunda. Qhabo, ezansi lapha kwele 16.

Ongamiswanga, ngomthetho wemiyalo wenyama, . . .

351 Lokho ngukugcina umthetho ngokweqile, niyabo. “O, mfowethu, bengi—ngingafanele. Bengingafanele. Ngiyazi, kodwa ngi . . .” Akusikho lokho. Wuthando olukwenzayo.

352 Ukuthi sedlule kanjani kukho! Ngathi, “Uma ngithe kowami. . .ngomkami, ‘O, awu, ngi—ngi—ngingathanda ukuba namakhosikazi amabili. Ngingathanda ukwehla ngenyuka nalena, ngenze lena lapho. Kodwa, uma ngenza, umkami uzokwehlukanisa nami...Nabantwana bami bazoba se... Inkonzo yami ibingalahleka.” Wena ongolile, mzenzisi obolile. Kunjalo. Awumthandi kahle, endaweni yokuqala. Kunjalo impela.

353 Uma ubumthanda, akuyikubakho—mthetho ngakho. Ubuyomthanda, noma kanjani, futhi unamathele kuye. Kunjalo impela. Nani besifazane niyokwenza into efanayo ngomyeni wakho. Kunjalo.

354 Ngezinye izikhathi abesifazane baba yindawo, noma . . .

355 Owesilisa ubona uJezibele omncane ezipende wonke, niyazi, futhi—futhi yohamba ejikeleza, amthande; mhlawumbe unkosikazi olungileyo. Bese—ke uzibiza ngomKristu. Ngiyakudabukela. Udinga elinye ithamo lomuthi lase altare. Kunjalo.

356 Nabanye benu—nabanye benu besifazane niqalaza omunye umfo omdadlana nezinwele zakhe ziqonde ngqo zabheka phansi, uVaselina owenele kuzo ukuba avule umlomo wakhe. Bese—ke ni . . .

357 Intombazane enye endadlana, lapha kungekudala. Leli akusilo ihlaya, ngoba angiqondile ukukuxoxa njengehlanya.

Kodwa abantu uyazi ukuthi lena akusiyo indawo yokuxoxa amahlaya. Kodwa intombazane endadlana lapha, i... Kwakunabafana abahle lapha, abafana abangamaKristu. Kudala, ngenkathi ngiselusa lapha, sasivamise nje ukuba namaklasi ezinsizwa. Futhi ngangiyaye ngikhulume nezintombi ngeSonto ntambama, mayelana nocansi nezinto. Bese kuthi-ke ngeSonto elilandelayo ntambama, ngikhulume nezinsizwa, futhi ngizame ukuthola ukuthi lezozinto bazithibe kuzo.

³⁵⁸ Enye intombazane endadlana yaqala ukuhamba nolunye uqhaqhavana oludadlana, ezansi nedolobha lapha, lwalubhema osikilani futhi lwaluneflaski ephaketheni lwalo. Futhi lwalushayela imoto enamandla elingene abantu ababili ngasedolobheni. Ngangingaboni ukuthi yayiboneni kulowomfana. Wayengezi enkonzweni. Wayehlala phandle lapho. Ayibeke esontweni phandle lapha, bese-ke ahlale phandle lapho ngaphandle, emotweni yakhe, futhi alinde, wayengangeni enkonzweni. Ngathi kuyo ngeliny'ilanga. Yayakhe eNew Albany. Ngathi, "Kukhona engifuna ukukubuza khona, ntombazanyana. Yini ezweni oyibona kulowomfana na?" Ngathi, "Indawo yokuqala, yena uzonda yona impela inkolo o-onayo. Wedelela uKristu wakho. Akasoze aba ngumyeni kuwe. Uyokwenza ube lusizi, yonke impilo yakho." Ngase ngithi, "Awu, kunabafana abakahle abancane abangamaKristu lapha obungahamba nabo. Nalapho ubabayi wakho nomama benyanya imicabango yakho uphuma, kodwa uyahamba noma kunjalo, futhi ucabanga ukuthi, 'Ngiyitshitshi likasikstini.'"

³⁵⁹ Yaqala ukuzipenda futhi igijima phandle, futhi into yokuqala, yayisemahhotelaneni asemigwaqeni emikhulu. Seyaya ePhakadeni manje. Kodwa, manje-ke, yama lapha. Futhi niyazi ukuthi yiziphi izaba leyontombazane engiphendula ngazo lapho, zokuthi yayithanda lowomfana na? Yathi, "Unezinyawana ezibukeka kahle kabi, futhi unuka kahle kabi." Ungathini nje into enjalo? Ezifaka amaphefumi, leso yisitabane, hhayi indoda.

³⁶⁰ "Buka," Ngathi, "dade, ngingaqoka ukuhamba nomfana ongumKristu obenezinyawo ezinjengezimoto zegraveli futhi enuka njengeqaka, uma ubengumKristu ngoqobo." Kunjalo. Qiniso. Ya.

³⁶¹ Yizaba, "Izinyawana ezibukeka kahle kabi, futhi unuka kahle kabi." Umhambi wehhotelana lasemigwaqeni emikhulu, ekugcineni wayona impilo yentombazane. Kungamahloni, ihlazo.

³⁶² Ukuganana makuhlonishwe, kodwa kufanele kungenwe kukho ngokukhuleka nangokuhlonipha. Nothando lwangokoqobo lwalowo wesifazane luyonibopha ndawonye kuze kube-phakade. "Enikubopha emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini." Uma wehla ngomgwaqo ngaleya, angahle aguge

futhi abe mpunga futhi esembimbi, kodwa lolothando olufanayo owawunalo ngaye ngenkathi eseyintombi, enhle, uyobe usalokhu unalo.

³⁶³ Ungahle ube mahlombe aqhothile, usunempandla, futhi usubuso obumbimbi nayo yonke enye into, kodwa uyokuthanda nje njengoba wenza ngenkathi umi namahlombe abanzi nezinwele ezisongene, uma kunguNkulunkulu ngempela. Ngokuba nibheke esikhathini lapho seniwele umfula ngaleya, lapho niyophinde nivumbuke, futhi nibe yizinsizwa nezintombi, ukuba nihlale ndawonye kuze kube-phakade. Leso yisithembiso sikaNkulunkulu saPhakade. Wathi Uyokwenza, Yena, akusikho lokho kuphela. . . Sizongena kukho emzuzwini. Wafunga ukuthi Uyokwenza.

³⁶⁴ Lalelani lokhu, njengoba siqhubeka.

Omiswa . . . , ngomthetho wemiyalo wenyama, kodwa ngamandla okuphila okungabhuhayo.

³⁶⁵ Manje sizofunda ngokusheshisa, ukuze sikuthole.

Ngokuba kufakazwa ngaye ukuthi, Wena ungumpristi kuze kube-phakade ngokokuma kukaMelkisedeki.

Inqobo nje uma ezodingeka umpristi, Uyoba ngumpristi.

Ngokuba ingokusobala imiyalo iyachithwa ngenxa yobuthakathaka bawo kokungasizi kwawo.

Lokhu umthetho awuphelelisanga lutho, . . .

³⁶⁶ Ungeke, akunandaba ukuthi wenzani. Uyeka ukuphuza, uyeke ukubhema, uyeke ukuqamba amanga, uye enkonzweni futhi uzame ukwenza lokhu futhi uzame ukwenza lokho, usalokhu ungowenyama. Lowo ngumthetho nje. Umthetho awenzi lutho oluphelele. Kodwa yini eyenza ukuphelela na? UKristu. Udumo! Ngingahle ngiyeke ukuqamba amanga, ngiyeke ukweba, ngiyeke ukuphinga, ngiyeke ukupilomba, ngiyeke zonke izinto, ngisalokhu ngingowenyama. UNkulunkulu akakwemukeli, ngoba anginalutho enginganikela ngalo kuYe enhlawulweni.

³⁶⁷ Kodwa umzuzu engibeka ngawo izandla zami phezu kwekhanda elibusisiwe leNkosi uJesu, bese ngithi, “Nkosi, angilungile. Ungangithatha njengenceku yaKho na?” noNkulunkulu wanga asuse isono sami, Ngimi ngiphelele ebusweni bukaNkulunkulu. Kunjalo. Ngani na? Angimile ngengingazibonga ngakho okungokwami. Ngimi kokwaKhe. Futhi Usiphelelisile, ngokuhlupheka kwaKhe neGazi laKhe.

³⁶⁸ Ngiyabona sekuyisikhathi sokuvala. Kodwa ngifuna ukuqeda ukufunda lokhu uma ngingaphumelela, ngokushesha.

. . . ngenxa yobuthakathaka bawo kokungasizi lutho kwawo.

Lokhu umthetho awuphelelisanga lutho, kepha sekungeniswa ithemba elingcono; (Yini ithemba elingcono na? UKristu.) esisondele ngalo kuNkulunkulu.

³⁶⁹ Ngani na? Kukho konke ukulunga kwethu, futhi konke ukulunga kwethu, futhi konke ukulunga kwethu, sisalokhu singabenyama. Kodwa uma sike saba sebukhoni bukaNkulunkulu, siqonda ukuthi sasingeke neze sime lapho, kuphela ngokufanela kukaJesu Kristu, khona-ke sisondele kuNkulunkulu, ngokufanela kweNdodana yaKhe. “Nkosi, ngiza kuWe, ngenhliziyo engenacala. EGameni leNdodana yaKho uJesu, ngiyacela ngemukele.” O, mfowethu, uza ngendlela ephilayo-ke.

³⁷⁰ Akusikho ukuthi, “Nkosi, Uyazi ngiyeka ukuphuza. Uyazi ngimphatha kahle umkami. Uyazi ngenza *lokhu*. Ngenza *lokho*.” Awunalutho ongalunikela.

³⁷¹ “Ngokuba umthetho wemiyalo yenyama wamungenakwenza lutho, kodwa ukuletha elinye ithemba kwakwenza. Lelothemba elinguKristu, sinalo njengehange lomphefumulo, ligxilile futhi liqinile.” Bhekisisani.

Futhi kangaka engabekwanga ngaphandle kokufunga u . . .

Isabizwana, uma nizoqaphela phakathi lapha, kusemagameni abhalwe ngokutsheka.

. . . wabekwa umpri:

Kungesuye umpri kuphela, kodwa Wenziwa umpri ngokufunga. Akusikho . . .

³⁷² Manje bhekisisani. Asithole okusele kobupri.

(Ngokuba labobapri, abakwaLevi, abalungile, abalungileyo, amadoda aqotho, labobapri kambe babekwa babe abapri ngaphandle kokufunga; . . .)

³⁷³ UNkulunkulu wavele wathi nje, “Ngokokuma kuka-ngokokuma kuka-Aroni, ukuthi ubeke lababapri.” Behla ngezizukulwane, bese beya esikoleni futhi bafundele ukuba ngabashumayeli kanjalonjalo. Bayehla. Ngakho uNkulunkulu wababeka abapri kanjalo. Bazibeka abapri, ngemfundo yabo, ngefa labo, kanjalonjalo. “Kodwa loMuntu wabekwa umpri ngokufunga uNkulunkulu akuthathayo.” Lalelisisani manje.

(. . . babekwa ngaphandle kokufunga; kodwa lona ngokufunga ngalowo owathi kuye, INkosi yafunga ayiyikuzisola, amen, Wena ungumpri kuze kube-phakade ngokokuma kukaMelkisedeki)

Ngokungakho-ke uJesu waba-ngumqinisi wesivumelwano esingcono.

Manje, ngokushesha.

Kulabo-ke baba-baningi ababekwa babe ngabapristi, ngokuba bathiyeka ngenxa yokufa ukuba baqhube njalo:

Izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane kazinkulungwane, zabapristi, ngoba zazingenalutho kodwa nje ukufa nokufa nobuthakathaka, nokufa nokufa nokufa.

374 Kodwa Mbhekisiseni.

Kepha lomuntu, (muntu muni na?) uJesu, ngenxa yokuba ngokuqhubekayo ehlala phakade, unobupristi obungenakuguquka. Lapho a . . .

Ngakho-ke unamandla okusindisa ngokupheleleyo; akunandaba ukuthi ukude kangakanani, ukuthi usuqhothe kangakanani, usude kangakanani, unamandla ngokupheleleyo; abeza kuNkulunkulu ngaye, . . .

Akusikho ukuthi kwakusekulungeni kwakho; kodwa ekuvumeni kwakho. Uyabo?

. . . abeza kuNkulunkulu ngaye, lokhu ephilela njalo ukubamela.

Ukhona lapho, njalonjalo, emela.

Kusukela umpristi omkhulu onjalo usifanele thina, ongcwele, ongenacala, ongenabala, owahlukanisiwe nezoni, futhi waba ngumpristi omkhulu ezulwini;

375 Nakho. Manje, uma ngizama ukumela icala lami uqobo, lizongilahla. Uma ngizama ukumela, ngithi, “Awu, ubabayi wami wayeyindoda elungileyo. Ubabayi wami wayengumshumayeli. Awu, ngiphile esontweni.” Liyobe lisalokhu lingilahlile. Kodwa loMuntu Ungopheleleyo. UKristu. Uhlala lapho bese enikela ngeGazi laKhe njalonjalo ngezono zami. Nakho lapho okhona.

Ongadingi imihla ngemihla, njengalabobapristi . . ., ukunikela ngemihlatshe, ngenxa yezakhe izono kuqala, nangasemva ngenxa yezabantu: ngokuba wenza lokhu kanye, mhla ezinikela yena.

376 Manje bhekisisani ivesi lokugcina.

Ngokuba umthetho umisa abantu babengaba-pristi abakhulu abanobuthakathaka; . . .

377 Yilokho-ke umthetho, umthetho wenyama, okwenzayo. Manje, ngifisa sengathi nje ngabe cishe benginamahora amabili khona lapha. Usabenza kanjalo-ke umthetho abantu babengabashumayeli. Kunjalo.

378 Ngani, bathi, “Awu, lendoda inolwazi lwasekholiji.” Bengegeke ngathengisa ngolwazi lwami oludadlana lwaseZulwini ngawo onke amakhholiji ezweni.

379 “Ngani, siyifundisile lendoda. I—ikhethwe ngokucophelela. Iyindoda yokuzenzela.” Angiluthandi lolohlobo. Ngithanda indoda eyenziwe nguNkulunkulu. Niyabo? Niyabo?

380 Kodwa umthetho usababeka abapristi. Umthetho usababeka abashumayeli. I—ibandla lamaBaptisti, anikezela ngabashumayeli; izandla zigcwele bona, banomshini obakhiqizayo. AmaMethodisti inabo. AmaBaptisti inabo. AmaPresbyterian, amaNazarene, iPilgrim Holiness, amaPentecostal, babakhiqiza ngokushesha ngakho konke abangakwenza, njengokuphatha okukhulu, umshini omkhulu. Bame lapho njenge. . .

381 Bengihlala njalo ngithi, “Nga—ngangilizwela ngempela ichwane lomshini wokuchamsela.” Niyazi, okuncane kwechwane elichanyuselwe phansi komshini wokuchamsela, alichanyuselwa kahle. Qhabo. Isikhukhukazi sifanele sichamsele ichwane. Kodwa ichwane lomshini wokuchamsela, uma liphuma, livele lithi nje, “tshiyi, tshiyi, tshiyi,” futhi alinamama elingaya kuye. Niyabo? Alazi ukuthi uyini umama. Kunjalo. Litshiyozela yena, kodwa alinaye.

382 Kodwa ichwane elincane elichanyuselwe phansi kwesikhukhukazi, indlela yemvelo, liyatshiyozisa bese umama eyaphendula. Kunjalo.

383 Futhi ngezinye izikhathi ngicabanga ngalolu lapha ulwazi lwasekholiji lokuphuma phansi kwalomshini omkhulu wokuchamsela eLouisville nasemhlabeni jikelele, uchamsela abashumayeli ngezinkulungwane. Imishini yokuchamsela yamaPentecostal, nemishini yokuchamsela yamaPresbyterian, ne—nemishini yokuchamsela yamaBaptisti, bonke bachamsela amachwane amancane abo—abo—abo. Bona, “tshiyi, tshiyi, tshiyi,” futhi bakhuluma ngomshini wabo wokuchamsela abachanyuselwa kuwo.

384 Kodwa ngiyathanda ukuba noBaba, uMama. Alibongwe iGama leNkosi! Babengebaningi kakhulu abazalwa nami, kodwa owayelapho ngabafowethu. Amen. SinoMama ophendulayo uma u. . .uMama oseZulwini, osiphatha njengoMama sonke. “Njengesikhukhukazi sifukamela amatshwele aso, futhi sikukuze kuwo, futhi—futhi sisekela phezu kwaso. . .sifukamela amachwane aso kanjalo Ngiyonifukamela. O, Jerusalema, Jerusalema, beNgithanda kangakanani ukunithatha njengoba kwenza isikhukhukazi ematshweleni aso! BeNgithanda kangaki ukunenza nibe ngabaMi, kepha anivumi. Nibe namakhholiji angawenu, nachamsela abapristi benu. Banifundisa okumelene naMi. Manje senishiywa nodwa. Imbubhiso yenu ilele phambi kwenu.”

385 Ngisho lokhu. O, bantu! O, bantu, ubuthanda kangaki uMoya oNgcwele ukunifukamela, njengesikhukhukazi senza

ematshweleni aso! Kodwa nifuna indlela engeyenu. Nizoba nendlela engeyenu ngaWo.

³⁸⁶ Ngobunye balobubusuku ngithanda ukushumayela ngokuthi, “Indlela engeyakho.” Niyazi, uKayini wayefuna indlela engeyakhe. Umuntu ufuna indlela engeyakhe, namhlanje. “Kodwa kukhona indlela ebonakala iyinhle, kodwa ukuphela kwayo ngukufa.”

³⁸⁷ Manje bhekisisani. “Kulokho Uthi, ‘Esisha isivumelwano esisha . . .’” Ngiyakholwa, manje lokho . . . Qhabo. Bengisendaweni engesiyo.

³⁸⁸ Ivesi 28.

Ngokuba umthetho umisa abantu babe-ngabapristi abakhulu abanobuthakathaka; kepha izwi lesifungo, elalandela umthetho, limisa iNdodana, eqhubeke kuze kube-phakade.

³⁸⁹ UNkulunkulu akabusiwe kuze kube-phakade, ngeNdodana eqhubeka kuze kube-phakade ngokukaMelkisedeki. Futhi Wayengakaze abe nokuqala. Akanakho neze ukuphela. Nomthetho wawungenakuveza lutho olunjalo, ngoba wawungowenyama. Ibandla lingeveze lutho olunjalo, amahlelo, ngoba angawenyama. A—amakholiji angeke neze aveza noma yini enjalo. Azama ukuveza izwe kuWo. Azama ukuWuhlela. Azame ngandlela zonke ezweni, ukwenza yonke into abengayenza, futhi eshiya into enkulu: “Ufanele ukuzalwa kuWo.” UNkulunkulu ukwenza ube yilokho oyikho, impela, hhayi ngoba uyeka ukwenza *lokhu*.

³⁹⁰ Manje, amaNazarene, awufanele ufake indandatho, ungeke walifaka iwashi, futhi uzofanele ube nezinto *ezithize-thize*, izingalo zakho zizofanele zibe zinde *kangaka*, imikhono, iziketzi zakho sifanele sibe side *kangako*, na—nabesilisa ngeke baba ngabedlangala. Futhi bangeke bakubhaphathiza uma ungakwenzi. Kulungile. Nakhu kungena iKatolika, futhi anokwawo. Futhi nakhu kungena amaMethodisti, anokwawo. Onke anobhoko lokulinganisa ubude ukukala ngalo. Awukwenzi, kulungile, yilokho kuphela. Niyabo?

³⁹¹ Bese kuthi—ke, kodwa into yangempela ingukuthi, yile, “Anginalutho ezingalweni zami engilulethayo! Ngibambelela nje esiphambanweni saKho. O Nkulunkulu, ngihamba—ze, ngilimele, futhi ngidinga isimunci. O, ngiza ngokuzithoba kakhulu, Kristu, ngivuma ukuthi angilutho futhi akukho lutho phakathi kwami. Ngemukele, O Nkulunkulu.” Khona—ke uNkulunkulu uyakwemukela.

³⁹² Manje, ungahle ungabazi ngisho no ABC bakho. Ungahle ungalazi ikhofi kuphizi ohlukaniswe izingcezu. Ungahle wazi, ungamazi ugee kuhaw, isandla sokudla kwesokunxele. Akwenzi mehluko ukuthi yini *ongayazi*. Yinye into *ofanele* uyazi, ukuthi, uJesu Kristu wathatha indawo yakho njengesoni. Nawe

uthatha indawo yakho, yokuma ekulungeni kwaKhe, uvuma nsuku zonke ukuthi awulungile, futhi uMthande ngayo yonke inhliziyu yakho, nazo zonke izinjongo zakho zibekwe ngakuYe, uyophumelela ukuya eZulwini. Yilokho kuphela okukukho, ngokuba ukuPhila okwakukuKristu kuzofanele kube kuwe, kungenjalo ulahlekile.

³⁹³ Ngaphambi nje kokuba sivale, niyasikhumbula isivumelwano esingenambandela uNkulunkulu asenza noAbrahama na? Wenzani ngalokho kuhlwa ngenkathi uNkulunkulu ethi, “Ake ngibone. . .” Ngenkathi uAbrahama ethi, “Ake ngibone ukuthi Uzosenza kanjani.” Isahluko 16, ngicabanga ukuthi yiso, sikaGenesisi. “Ake ngibone ukuthi uzosenza kanjani.”

³⁹⁴ Wathi, “Woza lapha, Abrahama.” Wayesesusa uAbrahama, wathi, “Hamba ungilandele i—inqama, bese uhamba ungilandele i—i—imbuzi, bese uhamba ungilandele isithokazi. Futhi Ngifuna uzenyusele lapha bese wenza umhlatsshelo.”

³⁹⁵ NoAbrahama wahamba wayeselanda imvu, ne—nembuzi, ne—e—ewundlu. . .noma isithokazi. Wayesezibulala. Zonke zaziyimhlatsshelo ehlanzekile. Wayesezehlukanisa zaba ngohhafu zaba kabili, wayesezichaya. Wayesehamba—ke wayeselanda amahobhe amabili, wayesewamisa. Khona—ke uAbrahama wazilinda izinyoni zingasondeli kuyo, elindele uNkulunkulu ukuba afike. “Manje, Nkosi, nanko umhlatsshelo, Uzokwenza kanjani lokhu na? Angazi ukuthi Uzomsindisa kanjani umuntu ngokumelana nentando yakhe uqobo. Angazi ukuthi Uzokwenza kanjani lokhu. Ungakwenza kanjani, Nkosi na?”

³⁹⁶ INkosi yathi, “Manje bhekisisa, Abrahama. Ungumprofethi. Ungowomoya, futhi uzoqonda ukuthi Ngikhuluma ngani.”

³⁹⁷ “Kulungile, Nkosi, ngifuna ukubona.” Manje ngikwenza samdlalo wasesiteji nje.

³⁹⁸ “Ngakho, Abrahama, yenyukela lapha manje, bese uhlala phansi lapha bese ulinda lezozinyoni zingasondeli.” Ngakho wazixosha zonke izinyoni, ilanga laze laqala ukushona.

³⁹⁹ Nento yokuqala niyazi, uNkulunkulu wehla. Ngenkathi Ehla, uAbrahama uqala ukozela. UNkulunkulu wathi, “Abrahama, Ngizokulalisa.”

⁴⁰⁰ Manje lalela, mngani ogcina umthetho ngokweqile. Uyabo, uNkulunkulu wamsusa ngokuphelele akangabibikho ngisho nasesithombeni, akukho lutho nhlobo ayengalwenza kukho. Futhi yileyo ndlela Akuthola ngayo wena. Wena wathi, “O, ngafuna uNkulunkulu.” Awuzange.

⁴⁰¹ UNkulunkulu wafuna wena, “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala.” Niyabo?

402 NguNkulunkulu efuna wena, hhayi wena ufuna uNkulunkulu. Awuzange neze ukwenze. Imvelo yakho ayilungile. Uyingulube. Awazi kwehluka. Wawuhlala esibuyeni sezingulube nje. Yilokho kuphela okwaziyo. Uyakuthanda. Uphuza utshwala, uhamb'ukekela, ugijima nomkamuny'umuntu, futhi wenza yonke into ongayenza embi, lokho nje kubonakala kukuhle. "O, mfowethu, sinesikhathi esikhulu!" Ucabanga ukuthi kuhle.

403 Kodwa uNkulunkulu ungqongqotha enhliziyweni yakho. [UMfowethu uBranham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Yilokho okuguqulayo. Akusuwe ongqongqotha kuNkulunkulu; uNkulunkulu ungqongqotha kuwe. UAdamu akazange angqongqothe enhliziyweni kaNkulunkulu. UNkulunkulu wangongqotha enhliziyweni ka-Adamu. Futhi wena uyindodana ka-Adamu. Kunjalo. Ngaphambi kokuba uAdamu abe yindodana kaNkulunkulu, futhi, uNkulunkulu wadingeka angqongqothe enhliziyweni yakhe. Ngaphambi kokuba wena ube yindodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu uzofanele angqongqothe enhliziyweni yakho.

404 Manje-ke, uAbrahama waya kolala. Futhi ngenkathi eya kolala, yini into yokuqala ayibonayo na? Obesabeka ngempela, obusasipokwe, obesabekayo, ubumnyama. Lokho ngukufa, obufika phezu kwaso sonke isintu. Wayese-ke ebuka phambidlana kunalokho, wayesebona isithando esithunqayo. Ngaphambi kokuba ube nentuthu, uzofanele ube nomlilo. Yingalesosizathu ngikholelwa esihogweni njengendawo evuthayo. Kulungile.

405 Wakhombisa, sonke siphansi kokufa, futhi sonke besifanele siye esihogweni, ngoba siyizoni.

406 Manje, kodwa, ngaleya kwalokho, wabona okuncane, ukuKhanya okumhlophe.

407 Nalokhu okuncane, ukuKhanya okumhlophe, yini ukuKhanya na? Kwakuyini lokho kuKhanya okumhlophe na? LeyoNsika yoMlilo eyahamba phambi kwabantwana bakwaIsrayeli. INSika yoMlilo eyahlangana noPawulu esendleleni ebheke ezansi eDamaseku. INSika yoMlilo eyakhipha uPetru etilongweni. INSika yoMlilo elapha kulobubusuku.

408 Lowo oPhakade, uNkulunkulu ongunaphakade, Yena uqobo lwaKhe wahamba phakathi kwalemihlathshelo ehlukanisiweyo, (o, he), emuva naphambili kulowo ngamunye. "Ngizokwenza kanjena-ke, Abrahama. Ngibhekisise, eNgizokwenza. Ngenza isivumelwano lapha. Futhi Ngizothatha isifungo, ukuthi, ngokweNzalo, Ngiyovusa oMelayo. Ngiyokwenza isivumelwano nokufa. Futhi Ngiyokulahla ngecala ukufa, enyameni, ngoba Mina uqobo lwaMi ngiyofika ngikuthathe. Abrahama," wathi, "ngeNzalo yakho, Abrahama, ngiyofika. Wena uyoba ngubaba

wezwe, ngeNzalo yakho. Futhi kungesuwe kuphela, eNgenza lesisithembiso nawe, kodwa iNzalo yakho emva kwakho.” Wayemazi wonke oyobayiyo. “Akusikho ukuthi *bona*; kodwa okwenziwa yiMi. Ngizokwenza, Abrahama. Ngamethemba uAdamu, futhi wasephula esakhe. Futhi wonke omuntu wephula esabo. Kodwa Ngizokwenza lesi naMi uqobo, futhi ngizifunge Mina uqobo, ‘NgiyoSigcina.’” Amen. Amen. Amen.

⁴⁰⁹ Senzani, senza isivumelwano na? Ngithi, “Mfowethu Neville...” Manje bhekisisani lokhu, umzuzu nje. Ngithi, “Mfowethu Neville, ngiyakutshela engizokwenza. Uma uzoshumayela kuze...kusasa ebusuku, nangobusuku obulandelayo, kuqhubeke kuze kube ngoLwesithathu. Ngizoshumayela, kusukela ngoLwesithathu, kuqhubeke kuze kube yiSonto.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “Wenza lesosivumelwano na?”

⁴¹⁰ “Yebo, mnumzane.”

⁴¹¹ Nansi indlela esikwenza ngayo. “Xhawula, mfana.” [UMfowethu Branham noMfowethu Neville bayaxhawulana—Umhl.] Yilokho-ke. Leso yisivumelwano eMelika. Sisenza kanjalo-ke isivumelwano.

⁴¹² Manje, basenza kanjani isivumelwano eJapane na? Senza, uthi, “Yenza *ukuthi-nokuthi*, futhi ngizokwenza *ukuthi-nokuthi*. Sithatha usawotana omncane, ngoba usawoti uyisinongo. Bese sithatha usawoti, bese ngiwuphosa kuMfowethu Neville, noMfowethu Neville athathe usawoti—usawoti bese ewuphosa kimi. Leso yisivumelwano esibophayo.

⁴¹³ Wasenza kanjani isivumelwano uDavid Livingstone nenigro laseAfrika, ukuya ezweni lakhe na? Wahamba wayesethola ushifu, ukuthi wayengedlula enhla lapho, ukuyoshumayela iVangeli nokwenza umsebenzi wabo. Base bethatha ingilazi yewayini. Nasi isivumelwano nenigro eAfrika. Babenengilazi yewayini. Noshifu wenigro wadonsa imithambo yakhe uqobo, wayeseyophisela kulengilazi yewayini. NoDavid Livingstone wadonsa imithambo yakhe uqobo, wayesewophisela engilazini yewayini. Balibonda. ULivingstone waphuza uhhafu walo, noshifu wenigro waphuza uhhafu walo. Base-ke benikeza isipho, omunye komunye, ushifu wamanigro. UDavid Livingstone wathi, “Udingani kimi.”

⁴¹⁴ Wathi, “Lelobhantshi elimhlophe oligqokile.” Ngakho uLivingstone wakhumula ibhantshi lakhe futhi ulinika ushifu wenigro. Wathi, “Udingani na?”

⁴¹⁵ Wathi, “Lowomkhonto ongwele onawo esandleni sakho.” Isizathu, wayazi ukuthi wayengangena nalokho, ngakho wathatha lowomkhonto. Futhi babengabafowabo, ngoba babenze isivumelwano.

⁴¹⁶ Futhi lapho ephuma ehamba, nezizwe zazigijima ukuyombulala, waphakamisa lowomkhonto ongwele. Futhi

ngenkathi enza, zabuka zase zithi, “O, o, ngeke sayithinta leyondoda.” Ngani na? “Ingumfowethu wesivumelwano, nakuba imhlophe, asikaze siyibone ngaphambili.” Babengazi nhlobo ukuthi babemnyama baze babona yona. Babengakaze bambone onjalo ngaphambili. “Kodwa ungumfowethu wesivumelwano. Unomkhonto kashifu esandleni sakhe.”

⁴¹⁷ Isithombe esihle kanje pho, namhlanje, sokuphuza isivumelwano seGazi leNkosi uJesu, namandla kaMoya oNgcwele phezu kwethu! Siya phambili ngeGama likaJesu, nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakuso. NguMkhonto ongcwele kaShifu. Niyabona ukuthi sinjani, isivumelwano na?

⁴¹⁸ Babesenza kanjani ngesikhathi sasemazweni asempumalanga na? Babenza isifungo, omunye komunye. Babebulala isilwane, basiqhekeze, bese bema phakathi kwazo ngqo. A—amadoda amabili ame phakathi kwaso, isilwane esehlukanisiwe. Bese bedweba isivumelwano. “Uma ngehluleka ukugcina *lesi*, uma ngehluleka ukwenza *lokhu*, ngani, *lokhu nokuthi-nokuthi*, umzimba wami mawube njengalesisilwane esifile. Umzimba wami mawube njengalesisilwane esifile.” Futhi nxa benza lokho, bathatha lesisivumelwano bese bema phakathi *kwalokhu*; benze isifungo, bathathe isifungo ukuthi bazokwenza. Bese bedabula iphepha, kanyekanye, balehlukanise, bese belinika indoda eyodwa, enye elilandelayo. Ngesikhathi esithize bayohlangana. Bese befa ukufa, uma behluleka ukugcina lesosifungo; futhi babe njengalezozilwane ezifile. Kulungile.

⁴¹⁹ Niyaziqaphela izilwane ezintathu na? Ophelele; iwundlu, imbuzi . . . nomhlatshelo ophelele omthathu. Kwakuyini iwundlu . . . Laliyini ihobhe na? Futhi ayechaza ukuthini amahobhe amabili na? Amahobhe amabili lalinikelelwa kokubili insindiso nokuphilisa, e—e . . . aya kukho. Niyabo? UkuBuyisana kwenziwa, okwehlukile, kodwa ukuphilisa kwaqhubeka ngokufanayo, kanjalo nensindiso yaqhubeka ngokufanayo. Amahobhe amabili, engehlukanisiwe, ayechaza ukuthi ayemele, kokubili. Insindiso . . . “Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina. Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina.” Abekwa eceleni, engehlukanisiwe. Kodwa isivumelwano, ingxenye yesilwane ya (zozintathu) sikwa yehlukana. Niyabo? Kwase kuthi ngenkathi benza lokho, babesidabula bese benza isivumelwano sabo.

⁴²⁰ Bhekisisani ukuthi uNkulunkulu wayemtshelani uAbrahama. “EKalvari, eKalvari, ngokweNzalo yakho. Kuwe kwaphuma uIsaka. KuIsaka kuvela *us'bani-bani*, uJakobe. KuJakobe kuphuma uJosefa. KuJosefa, kwehle njalo, kwehle njalo, kwehle njalo, abalandela ezikhundleni, kuze kuthi, ekugcineni, ngaleyoNzalo elungileyo!” Eyakhe . . .

421 Wayesanda kuqeda, lapha, ethi iNkosi yethu yavela esizweni esasingamazi uMose, asizange ngisho sikhulume ngakho. Uvela ebupristini. “iNkosi yethu yavela esizweni sakwaJuda.” Hhayi kuLevi, ngokuba babengabagcina umthetho ngokweqile benyama. Kodwa iNkosi yethu iphuma kuJuda. Udumo! Nakho lapho okhona. Lapho isithembiso senziwa khona!

422 Lalelisisani manje, njengoba sivala. EKalvari, uNkulunkulu wehla wayesethatha umzimba weNdodana yaKhe uqobo, Ayehlala kuwo, Wayesewuklebhula ewehlukanisa eKalvari. Ukopha kwaYo, yalinyazwa, yasikwa, nomkhonto wagijima phakathi lapho wayeseYiklebhula yehlukana, neGazi laYo laphophoza. Yayisithi, “Baba, ezandleni zaKho Ngiyawubeka uMoya waMi.” Yakhothamisa ikhanda laYo. Nomhlaba wamazama, nemibani yabaneka, nemidumo yaduma. UNkulunkulu wayeloba isivumelwano saKhe sangunaphakade.

423 Wayesethatha umzimba waYo osufile ethuneni, ngosuku lokuqala lweviki, wayesewenyusela eZulwini, wayesewuhlalisa lapho njengomPristi oMkhulu, njengesikhumbuzo; uhlezi lapho, ophелеle, kuze kube-phakade. Wayesethumela uMoya Awudabula wawukhipha kulowomzimba, wabuyela phansi ngqo phezu kweBandla. NaleloBandla liyofanele libe noMoya ofanayo owawukulowomzimba, kungenjalo ungeke uhlangane okwesisila sejuba naWo ekuvukeni. Lezoziqephu ezimbili zifanele zihlangane ngokuphelele ndawonye. Futhi uma leliBandla lingesiwo ngokuphelele, uMoya ofanayo nje nse owawukuKristu, wena awusoze wangena ekuHlwithweni.

424 Naso isivumelwano sangunaphakade, mfowethu. Kufunise, qobo lwakho, okusenhliziyweni yakho. Thanda iNkosi. Qiniseka ngempela ukuthi usindisiwe. Ungathathi ishansi kukho. Uyagembula. O, wena, thina bantu baseMelika, siyakuthanda ukugembula, kodwa ungagembuli kuLokho. Qiniseka ukuthi ukahle. Hhayi ngoba wajoyina isonto, kodwa ngoba uzelwe ngokusha ngeqiniso, uKristu ufike kuwe, kuMuntu kaMoya oNgewele.

425 Manje, okugcwalisayo nje, futhi, njengoba ngivala nje. Besifanele sijabule kakhulu, ukubona uMoya ofanayo owawukuJesu Kristu, uphakathi kwethu ngqo, wenza izinto ezifanayo Azenzayo ngenkathi Elapha emhlabeni! Besifanele sijabule kakhulu!

Asikhuleke manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu.

426 Nkosi, bekulusuku olukhulu. Nokho, ngizizwa njengoba ngihlale ngenza, ngiyehluleka. Angikwazi khona ukuKumela kahle, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzongithethelela ngezindlela zami zobuthutha. O, ngiyazivuma izono zami phambi kwaKho, futhi ngicela isihawu, ngazi ukuthi kunomPristi oMkhulu omkhulu omi ngaleya ngakwesokunene sikaNkulunkulu, emaZulwini, ongenziwanga ngokuka-Aroni, ngokwemithetho

nangokwemithetho nezinto. Kodwa Wahlaliswa Lapho ngenxa yomusa kaNkulunkulu owabuka phambili, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wayesengibona phansi lapha ezweni, futhi wafela izono zami, ukungibuyisela eMbusweni kaNkulunkulu. NgiyaKubonga, Baba, ngalokhu.

⁴²⁷ Isizathu, loMoya manje obusayo kubantu bakho ungoPhakade njengoba uNkulunkulu engoPhakade. “Ngibanika ukuPhila okuPhakade, ukuPhila kwanjalonjalo, ukuPhila okungunaphakade, futhi abasoze babbhubha.” Futhi ekwaHlulelweni, abasoze babelapho. Sebevele bazedlulile izahlulelo futhi sebeqhubeka bayongena eNkazimulweni, “Futhi uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lisilindile ngaleya ukuba sifike kulo.” SiyaKubonga ngalokho, Nkosi.

⁴²⁸ Ngiyakhuleka manje, uma ebakhona oyedwa lapha, kulobubusuku, ongakaze namanje aphuze iGazi langempela lesivumelwano, ongazi ukuthi Lisho ukuthini, ongazi ukuthi kusho ukuthini ukuzalwa ngokusha, ukuba nenhlanganyelo yangempela noKristu enhliziyweni yabo, noma enhliziyweni yakhe owesifazane, kwangathi bangaMemukela njengamanje, njengoba silinda futhi sinikeza lelithuba. Futhi ngaloloSuku, sikhulekela ukuthi simele iVangeli ekuKhanyeni okuyikho. Siyakhuleka, eGameni likaKristu.

⁴²⁹ Amakhanda ethu esakhothome, angabakhona umuntu eningaphakamisela izandla zenu kuKristu, bese niithi, “Kristu kaNkulunkulu, ngihawukele. Makuthi mina, njengenceku yaKho engafanele, manje ngemukele uMoya oNgcwele enhliziyweni yami. Futhi unginike isiqiniseko nothando ukuthi ngidinga ngempela?” Uma ungenaWo, ungaziphakamisela nje izandla zakho kuYe, uthi, “Nkosi, lesi yisibonakaliso ukuthi ngiyaWufisa?” Ungasiphakamisa isandla sakho? UNkulunkulu akubusise emuva lapho, nenekazi. UNkulunkulu akubusise lapha, mnumzane. Busiswa lapha, mnumzane. UNkulunkulu abe nawe. Lokho kuhle. Lendoda ekugcineni lapha, uNkulunkulu akubusise, mfowethu. Nomunye futhi, ngaphambi nje manje kokuba sivale, nje ngilindele imizuzwana embalwa. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, ndodana. Omunye futhi?

⁴³⁰ “Manje ngiyafisa. Ngiyafisa, Nkosi Nkulunkulu. Uyayazi inhliziyho yami. Uyakwazi okusengqondweni yami. Wena, ‘UMoya kaNkulunkulu uphile kakhulu futhi ubukhali kunenkemba esika nhlangothi–zombili, uhlababa kuze kwahlukaniswe ngisho nomnkantsha wethambo, futhi wahlulele imicabango yenhliziyo.’” Kucabange Lokho. Wazi yona impela imicabango yakho, izinhloso zakho.

⁴³¹ Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, “Ngihawukele, Nkulunkulu, khona manje. Ngi–ngifuna Wena ukuba wazi

ukuthi ngiyazi ukuthi angilungile, futhi ngiyakuqonda, kodwa ngifuna ukuba kahle.” Kulungile, ngenkathi sisalokhu nje sikhothamise amakhanda ethu, sikhuleka manje, cabangani umzuzwana nje. Asifuni ukujaha ngalokho.

Dwala leMinyaka, ngivulekele,
Mangicashe kuWena;
Makuthi amanzi neGazi,
. . . ohlangothini lwaKho olulimele
Kube okwesono esi dou- . . .

Kuphilise ngokuphindiwe! Wafunga ngakho, izinto ezimbili ezingeguquleke.

Ngisindise olakeni futhi ungenze ngibe
msulwa.
Ngisahosha . . .

⁴³² O Nkosi, siphe njengamanje ukuthi sonke sizoqonda ukuthi lemimoya esiyihoshayo ihamba ngejubane. Asazi ukuthi mingaki eminye esinayo ngaphambi kwethu. Konke lokho kungeseluleko saKho esikhulu. Unqunyelwa nguWe. O, sihawukele. Nakulabo abaphakamise izandla zabo, Nkosi, asikho isikhathi sokubasho. Ubazi bonke. Kodwa nje nginikela lomkhuleko wokubanxusela. Ngikhulekela ukuthi Uzosusa ukulahlwa ngecala enhliziyweni yabo, futhi ubavumele beze ngesibindi, njengamanje, esiHlalweni sobukhosi; bahambe ngesibindi benyukele ngqo esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, babize ithuba eliyinhlanhla yabo abayiphiwe nguNkulunkulu. Babangelwe nguWe ukuba baphakamise izandla zabo. Bebengekwenze ngesingabo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobapha lokhu eGameni likaJesu. Amen.

. . . mina kuWena;

Manje, Mkhonzeni nje manje.

Makuthi amanzi ne . . . (O, he!)
Okwagobhoza ohlangothini lwaKho olulimele,
Kube ngokokuphilisa isono ngokuphindiwe,
Ngisindise olakeni futhi ungenze ngibe
msulwa.

⁴³³ Bangaki ozizwa ekahle ngempela manje na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ayidunyiswe iNkosi!” [Ibandla lithi, “Ayidunyiswe iNkosi!”—Umhl.] O, Uyamangalisa! O!

KuneNdawo eMthonjeni. Uyalazi, Dadewethu Gertie na? Asi. Bangaki othanda leloculo na? Manje sizoba nenkonzo yombhaphathizo, emzuzwaneni nje. [UMfowethu Branham ukhuluma kuMfowethu Neville—Umhl.] Uzobabhaphathiza? Kulungile.

Indawo, yebo, kunendawo,
Kunendawo yakho eMthonjeni;
Indawo, indawo . . .

434 Kulungile. Labo asebangabombhaphathizo, abesilisa bazoya *kulelikamelo*, abesifazane *kuleli*, kulungile, labo abazobhaphathizwa eGameni leNkosi yethu ebusisiweyo.

. . .hle kuwe,
Kunendawo yakho eMthonjeni;
UNkulunkulu ubemuhle kimi,
Kunendawo yakho eMthonjeni.

435 Wonke umuntu manje.

Indawo, indawo, yebo, kunendawo,
Kunendawo yakho eMthonjeni;
O, indawo, indawo, yebo, kunendawo,
Kunendawo yakho eMthonjeni.

436 O, ngiyalithanda leluculo elidala. Anilithandi na?

Kunendawo yakho eMthonjeni;
O, indawo, indawo, kunenqwaba yendawo,
Kunendawo yakho eMthonjeni.

437 Manje, ngenkathi ilunga elidala lisangenile, ukulungiselela umbhaphathizo, ngithanda ukuchaza kwizethameli. Futhi ngizocela abanye babadikoni, uma bengangizwa ekamelweni, uma sebelungele, beze futhi—futhi bangitshele, futhi ukuze sikwazi ukugudluzwa imibhobho. Sinifuna nonke ukuba nikubone lokhu. Kweluleke ngamaminithi ayishumi, nebandla lizokhululwa.

438 Manje ngifuna ukunifundela eminye yemiBhalo engcwele. Ngifuna ukuyifunda eNcwadini yeZenzo. Futhi ngifuna ukuqala evesini 12 lesahluko 2 seZenzo.

439 Manje, ngifuna niqaphele esahlukweni 16 sikaLuka oNgcwele, noma sikaMathewu oNgcwele, Ngikholwa ukuthi nguye, ukuthi uJesu wayeza ehla entabeni. Ba. . .Wathi kubafundi baKhe, “Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?”

440 “Nabanye bathi, ngani, Ungu ‘Eliyase.’ Nabanye bathi U—U ‘ngumprofethi.’ Nabanye bathi Uyilokhu noma okunye.”

441 Wathi, “Kodwa nina nithi Ngingubani na?”

442 Wayesethi uPetru, “Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

443 UJesu wathi, “Ubusisiwe, Simoni Ka-jona, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Awuzange ufunde ekholiji. Awuzange uKufunde ngomuntu.” Wathi, “Kodwa uBaba wami oseZulwini ukwambulele lokhu. Nami Ngithi unguPetru. Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi. Amasango ehayidese awayiKulahlula. Futhi Ngikunika izihluthulelo kuwo uMbuso weZulu.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Nanoma yini okukhulula emhlabeni, Ngiyakukukhulula eZulwini.

Okubopha emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini.” Ngabe WayeKuqondile na? Wayengeke aKusho. Manje, njengoba isikhathi sasigingqika—gingqika siya phambili, manje, uPetru wayenezihluthulelo kuwo uMbuso.

444 Manje, nina bantu abangamaKatolika, ningahle nicabange lokhu, ukuthi nithi, “Ibandla eliKatolika lakhelwe phezu kukaPetru.” Kulungile, sizothola. “Babenezihluthulelo. Ibandla eliKatolika lisenazo izihluthulelo.”

445 Ake sithole ukuthi uPetru wenzani ngezihluthulelo, niyabo, khona-ke sizothola. IBhayibheli lathi, kuPetru nakubo bonke abanye abaphostoli, “Hambani niye ezweni lonke. Enibathethelela izono zabo, bathethelelewe. Enibabamba ngezono zabo, babanjiwe.” Lokho, ngingahle ngikusho ukuze . . . Omunye angahle angaqondi ukuthi ngichaza ukuthini. UJesu wathi kubaphostoli, “Enibathethelela izono zabo, Ngiyozithethelela naMi. Neningabathetheleli izono zabo, futhi nibabambele sona, Ngiyobabambela sona nami.” Yilokho uJesu akusho.

446 Bhekisisani ibandla eliKatolika liphushela ngakulokho.

447 Kodwa ake sithole ukuthi bakwenza kanjani. Bese kuthi uma sithola ukuthi bakwenza kanjani, khona-ke sifanele sikwenze ngendlela efanayo. Manje ake sithole.

448 LuSuku lwePhentekoste. IBandla liyagcotshwa. Bonke babesekamelweni eliphezulu. Abantu baphuma lapho, bekhuluma izilwimi ezahlukene. Ngani na? Zonke izilwimi eziphansi kweZulu zazimelwe lapho. IsiNgisi sasilapho, naso. Zonke izilwimi eziphansi kweZulu zazifanele zibe lapho, noma yiluphi ulwimi olwalukhulunywa ngalolosuku. Luqhubekela phambili lapha futhi lunikeza eziningi zezilwimi, nokuthi abaseKrethe nezihambi, namaproselite aseRoma, na—na—nabaseArabiya, nabo bonke bekhuluma nama magni—. . . Manje, babengakhulumi ngezilimi ezingaziwa. Babekhuluma ngezilwimi ezaziwayo, kubantu. Hhayi izilimi ezingaziwa, kodwa izilwimi ezaqondwa ngumuntu ngamunye. Isoni, ongakholwa, wayekwazi ukuzwa ayekusho. “Yini pho ukuba sizwe ngolwimi lwakithi e—esazalwa nalo na?”

449 Manje bhekisisani. Manje umbuzo uyafika. Manje, “Abanye babhuqa.” Ivesi 12, kulungile.

Bonke bamangala, . . . sambatheka, bathi omunye komunye, kuthini lokhu na?

Abanye babhuqa base bethi, Laba . . . bagcwele iwayini elisha.

450 Babehlekisa ngabo. Ngoba, babenza kanjani na? Babediyazela njengabantu abadakiwe, njengabantu abadakiwe. Bexoxa, bengazi ukuthi babethini, kodwa babeshumayela

enhlanganweni yebandla ngezilwimi ababengazazi, kodwa inhlangano yebandla yazi. Niyabo? Kulungile.

Abanye . . . bathi, Bagcwele iwayini elisha, bukani ukuthi baziphatha kanjani.

Abanye babhuqa, bethi, Laba . . . bagcwele i . . .

“Kodwa uPetru . . .” Qaphela, mfana! Unezihluthulelo.

Kepha uPetru, emi nabayishumi nanye, waphakamisa izwi lakhe, wathi kubo, . . .

Manje, khumbulani, lokhu ngukugcotshwa kokuqala kweBandla.

. . . Madoda aseJudiya, nani . . . enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami:

Ngokuba laba kabadakiwe, njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora lesithathu lemini.

Izinkantini yayingakavulwa ngisho ngaleyonkathi. Niyabo?

Kodwa lokhu kuyikho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli ukuthi;

Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, ngiyakuthulula uMoya wami phezu kwayo yonke inyama: phezu kwamadodana enu namadodakazi . . ., futhi ayakuprofetha, nezinsizwa zenu ziyakubona imibono, nabadala benu bayakuphupha amaphupho:

Yebo naphezu kwezinceku zami na . . . ncekukazi zami ngiyakuthulula uMoya wami ngaleyomihla; . . . ziyakuprofetha:

Ngiyakuveza izimangaliso ezulwini phezulu, nezibonakaliso emhlabeni phansi; . . .

Manje, nguPetru eshumayela manje, lo onezihluthulelo.

. . . igazi, . . . mlilo, . . . kuthunqa komusi:

Ilanga liyakuphenduka ubumnyama, inyanga ibeyigazi, lungakafiki usuku olukhulu noluhamileyo lweNkosi:

Kuyakuthi, yilowo nalowo oyakubiza igama leNkosi uyakusindiswa.

Madoda akwaIsrayeli, zwanini lawamazwi; UJesu waseNazaretha, indoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu ngemisebenzi yamandla nangezimangaliso nangesibonakaliso, . . . azenza ngayephakathi kwenu, . . . nazi nina uqobo lwenu:

Nikhuluma ngokusola? Wayenezihluthulelo, niyazi. Ku . . .

Yena lo, esenikelwe ngesu elimisiweyo nangokwaziphambili kukaNkulunkulu, . . .

Nakho lapho okhona. Wayeyoze Anikelwe kanjani na? Ngoba uNkulunkulu wakumisela ngaphambili ukuba kube ngaleyondlela. Niyabo? Ukwaziphambili kukaNkulunkulu!

⁴⁵¹ [Umfowethu uthi, okwenkonzo yombhaphathizo, “Isilungile.”—Umhl.] Emzuzwaneni nje. Batshele, bambani nje umzuzu nje, ngize ngiqede ngomBhalo.

. . . nambethela, ngezandla zabangenamthetho, nambulala:

Lowo, uNkulunkulu wamvusa, ethukulula iminjunju yokufa: lokhu Kwakungenakwenzeka . . . abanjwe yikho.

Ngokuba uDavide wathi ngaye, Ngayibona ngaphambili iNkosi Njalo . . . ingakwesokunene sami, futhi angiyikunyakaziswa:

Ngalokho inhliziyo yami iyajabula, nolimi lwami lwethaba; ngisho . . . nyama yami iyakuhlala ngokwethemba:

Ngokuba awuyikushiya umphefumulo wami ehayidese, futhi awuyikuvuma ONgcwele wakho abone ukubola.

Wangazisa . . . izindlela zami—zami, izindlela zami zokuphila; uyakungigcwalisa ngokujabula futhi ebusweni bami.

Madoda bazalwane, ake ngikhulume kini ngokusobala ngokhokho uDavide, . . . wafa nokuthi wembelwa, nokuthi ithuna lakhe lisekhona kithi . . . namuhla.

Ngakho lokhu engumprofethi, ekwazi ukuthi uNkulunkulu ufungile ngesifungo . . .

Ngisanda kuqeda ukukufunda nje.

ukuthi ngokwe—ngokwezinzalo yokhalo lwakhe, wayezo . . . ngokwenyama, uyakubeka uKristu esihlalweni sakhe sobukhosi;

Lokho nje engisanda kuqeda ukukushumayela. UPetru eshumayela into efanayo.

Futhi ebona kusephambili, umprofethi wakubona kusephambili, wakhuluma ngokuvuka kukaKristu, ukuthi umphefumulo wakhe awushiwanga ehayidese, nenyama yakhe ayibonanga ukubola.

UJesu lo uNkulunkulu u wamvusa, esingofakazi bakho thina sonke.

Ngakho ephakanyisiwe, futhi engakwesokunene . . . engakwesokunene, waphakanyiselwa ezulwini,

esamukele kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele, wakuthulula lokhu, enikubonayo nenikuzwayo.

Ngokuba uDavide akenyukelanga ezulwini, (umprofethi): kepha yena uqobo Uthi, INKOSI yathi eNkosini yami, Hlala ngakwesokunene sami,

Ngize ngibeke izitha zakho zibe-yisenabelo sezinyawo zakho.

Ngakho (lalelani lokhu) indlu yonke yakwaIsrayeli mayazi impela, ukuthi uNkulunkulu umenzile kokubili iNkosi noKristu, uJesu yena lo, enambethela nina.

Lokho bekufanele kukuxazulule. Bekungafanele na?

Manje sebekuzwa lokhu, lezozoni, bahlabeka ezihliziyweni yabo, bathi kuPetru. . . Madoda. . . futhi uPetru na. . . banye abaphostoli, Madoda bazalwane, siyakwenzenjani na?

452 Kulungile. Nakhu lapho okhona. Unani na? Isihluthulelo, isihluthulelo kuwo uMbuso. Uphi uMbuso na? Uphakathi kwenu. Kunjalo na? UMoya oNgcwele unguMbuso kaNkulunkulu. Siyakwazi. Sizalwa eMbusweni, njengezikhonzi nezithunywa. Bukani. Unezihluthulelo ohlangothini lwakhe. “Nizokwenzenjani ngakho na?” Lokhu kungokokuqala ukuba umnyango uze uvulwe.

453 Manje, umbuzo ubuzwa umshumayeli, okokuqala, lo onesihluthulelo. Ngikholwa ukuthi uma athi, “Yima ngekhandalako,” lokho kwakuyoba semthethweni.

454 “Okubopha emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini.” Kulungile. “Noma yini oyishoyo, Ngizosho into efanayo. Unesihluthulelo.” Kulungile. Uhlohla isihluthulelo emnyango.

. . . Wenzani na? Madoda bazalwane, siyakwenzenjani na?

Manje sebekuzwa lokhu, bayahlabeka enhliziyweni yabo, bathi. . . Madoda bazalwane, . . .

. . . uPetru wathi kubo, Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nalabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.

Lokho kukuxazulule kuze kube-phakade. Akukho bantu abake, nanoma yisiphi isikhathi, ababeke baze, bake baphikisana naLokho.

455 Ibandla eliKatolika liyafika, esikhundleni sokucwiliswa, bayafafaza. Esikhundleni sokusebenzisa iGama likaJesu,

bathathe, “uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Akukaze kufundiswe eBhayibhelini.

⁴⁵⁶ Wonke umuntu, kusukela ngalesosikhathi kuqhubeke, wayebhaphathizwa ngokucwiliswa eGameni likaJesu Kristu. Nabanye babekade becwiliswe nguJohane umBhaphathizi, owabhaphathiza uJesu, noPawulu wabatshela ukuthi babengenakumamukela uMoya oNgcwele kanjalo. Badingeka babuye futhi baphinde babhaphathizwe, futhi, eGameni likaJesu, ngaphambi kokuba bathole uMoya oNgcwele. Bangaki owaziyo lowomBhalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Izenzo, isahluko 19. Nakho lapho okhona. Isizathu, uMbuso weZulu wananyekwa ngophawu kunoma yiyiphi enye indlela, ngesifungo ngoJesu Kristu, lokho kwakuyoba ngokusemthethweni eZulwini.

...Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, . . .niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.

Isizathu, isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, . . .kubo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.

Amen. Asikhuleke.

⁴⁵⁷ Baba, Nkulunkulu, kulobubusuku, iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye nento eseyedlule, nokho ezinobuqotho nezinobumhlophe bezinhliziyzo zabantu zisalokhu zikhalela uNkulunkulu, njengabantwana bekhalela ubisi lwebele lukanina wabo. SiyaKuthanda, Nkosi. Singeke saphila ngaphandle kwaKho. Njengoba uDavide athi, “Umphefumulo wami womela Wena, njengendluzele yomela imifula yamanzi.” Ufanele aWathole, kungenjalo afe.

⁴⁵⁸ Futhi, Baba, sifunisise kuyo yonke imiBhalo, emuva naphambili. Kungesikho ukwehluka, kodwa siyawabona lamakholiji, lezizitshudeni zesayense yezenkolo namhlanje, ezishumayela ngokwemiyalo yabantu, futhi hhayi ngemiyalo kaNkulunkulu. Ngakho—ke, Nkosi, asibedeleli labobantu, kodwa sedelela lezozinto abazifundisayo. Ngakho—ke, Nkosi, sicela ukuthi babe ngumfowethu. Sicela ukuthi Ubathethelele ngesiphosiso sabo. Futhi sikhulekela ukuthi bazofika emBhalweni, baWufunde, hhayi ngendlela amanye amakholiji aWufundisa ngayo, kodwa ngokwendlela uNkulunkulu aWulobe ngayo.

⁴⁵⁹ Siyakhuleka, Nkulunkulu, manje, ukuthi laba abazongena bayeza kulobubusuku ngenkonzo yombhaphathizo. Njengoba umelusi wethu oyiqhawe eyongena kulelipulpiti kusukela lapha, ukushumayela iVangeli, leliVangeli elifanayo; bese—ke kuba kuyiwa echibini lombhaphathizo, ukumbela. Siphe khona, Nkosi, ukuthi ngamunye walaba uzokwemukela uMoya

oNgwele, ngoba Uphe isithembiso, “Niyakwamukela uMoya oNgwele.” Kwangathi uMoya kaNkulunkulu ungalinda ngaphezu kwamanzi, ukwemukela ozongena kulobubusuku, ngokuba sibanikela ezandleni zaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.



INCWADI YAMA HEBERU

Lemi Layezo eyishumi nanye ngo Mfowethu William Marriion Branham okokuqala yethulwa kusukela ngoAgasti 21 kuya kuSeptemba 22, ngo 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., ithathwe ekuqopheni kweteyipu enobuzibuthe futhi yashicilelwa ingafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2011 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org